# INDIDA

Ngiyabonga, mfowethu. Ngiyabonga. Asikhothamise amakhanda ethu manje ngezwi lomkhuleko. Namakhanda ethu ekhotheme, angazi ukuthi bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, kwazise nje ngawe uphakamisa isandla sakho.

2 Baba wethu waseZulwini, siza kuWe ngokuzithoba, Nkosi, sivuma ukuthi asifanele ukuza. Kodwa ngenxa yokuthi uJesu usenzele indlela futhi wakhokha inani, ngakho-ke, singeza ngesibindi esiHlalweni sobukhosi somusa, ngesikhathi sokudinga. Futhi manje, Nkosi, njengoba silapha ukwethula iVangeli, imicebo ephenyekayo kaKristu, siyaKudinga, Nkosi.

3 Futhi angahle abe khona oyedwa ohlezi lapha, Baba, Ozama ukumfundisa isikole ngendlela enkulu, ukuze Ubathumele ndawo ndawo, emishini enkulu Oyihlosile. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uma lokho kubanjalo, ukuthi lobubusuku, ukuthi, inhloso yaKho izogcwaliseka. Futhi sisize njengoba sizethula kuWe ngenkonzo.

4 Manje, Wena uzibonile zonke izandla, futhi usabuka namanje kulezo eziphakeme. Wena uyakwazi okusekudingeni. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, Baba. Nginikela umkhuleko wami nomkhuleko wabo, nezifiso zabo nezifiso zami, phezu kweAltare legolide lapho umhlatshelo wethu ubekwe khona kulobubusuku. EGameni leNkosi uJesu, sikhulekela ukuthi Uzohlephula iSinkwa sokuphila, kithi, esiphuma eZwini laKho. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Ngiyaxolisa ukuba leyithi kancane nje, kuphela ngikuqonde lokho ngalobubusuku ukuthi bese nje ku—kuleyithi kancane, inkonzo ihambe nje sekuleyithi kancane. Futhi sizoyenza ngesikhathi, futhi nje siphume ngokukhulu okushesha okungenzeka. Manje sifuna ukusondela eZwini, kulobubusuku, nanakho konke lokho obekukithi.

6 Ngiyazi nilapha, nina, abanye balababaculi abakahle engi. . . UMel Johnson, oyedwa, engimaziyo uhlezi lapha. Ngimcele ukuba acule, enzele thina, leloculo elingasuki nje emqondweni wami. Njalonjalo ngiyalihamisha, elimayelana nokuthi, "izinyembezi ziyaphuma zehle." Ngi—ngiyalithanda lelo. Futhi ngicabanga ukuthi uzocula ekudleni kwasekuseni koSomaBhizinisi, noma ndawo ndawo, enzele thina.

7 Jim, ngifuna uqiniseke, futhi ungitholele lelo. Futhi uma uneteyipu encane, ngifakele lona kuleyo, isipesheli, ngakho abantwana bami bafuna ukulizwa. Uma ngithi ukushona phansi

kancane, ngi—ngi—ngizwe lelo, lingenza ngizizwe ngikahle, ukuzwa ukucula okuhle. Futhi, uBilly, ngingena eofisi phansi lapho, futhi ubelokhu njalo njalo ethola lawomateyipu okucula ehamba ngasosonke isikhathi, futhi ngicabanga ukuthi kuthi ukumsiza.

8 Niyazi, kukhona okuthize ngeculo, elinamandla kulo. Sonke siyakwazi lokho. Si—sikunakile lokho. Niyabo? Lokho kungukuthi, bukani umbutho, uma becula amaculo futhi bedlala umnyuziki. Niyakwazi ukusondela empini, embuthweni kaNkulunkulu, kuqala kungomnyuziki na? Abaculi babehamba phambi komphongolo, bethokoza futhi becula; bese kuza umphongolo; bese-ke kuba yimpi. Kunjalo. Ngakho, lokho ngukusondela okukahle.

9 Futhi yingalesosizathu singena enkonzweni ebusuku. Senzani na? Sicula amahubo eNkosi; bese-ke kuba uMphongolo, iZwi, sifunde iZwi; bese-ke kuba yimpi, khona-ke si—siphakathi. Ngakho amaflegi amakhulu ayabhakuza, kulobubusuku; iGama likaJesu Kristu, iNkosi uNkulunkulu maliphakanyiswe, isitha sixoshwe.

10 Futhi, Nkulunkulu, nqoba ukunqoba kulobubusuku, futhi usindise imiphefumulo, uphilise abagulayo nabahluphekile; ubangele labo, abakhandlekile nabayethileyo, ukuba baphakamise amakhanda abo futhi bathokoze, thola udumo olukhulu kuYe uqobo. Ngokuba sicela lokhu eGameni leNkosi uJesu.

11 Ngifuna uphenye, kulobubusuku, kanye nami, uma uneBhayibheli lakho, futhi ngezinye izikhathi abantu bamaka nje indikimba encane abefundisi abakhuluma ngayo. Kwakuvamise ukuthi ngangikwazi ukucabanga ngalezi ngokukhulu ukushesha, ngaphandle ngisho kokuba ngizibhale phansi. Kodwa emva kokuba nje sengedlule amashumi amabili-nanhlanu, ngani, izinyanga ezimbalwa ezedlule, ngiqonde ukuthi okwesibili, futhi ngakho kukwenza kube lukhunyana kimi ukukhumbula. Ngiphethe inqwaba yezibazi zasezimpini. Futhi njengoba siya ngokuba badala, nje asisacabangi njengoba sasivamile, futhi ngine . . . Uma ngibuka umBhalo futhi ngibone, khona-ke ngiyakhumbula ukuthi indikimba iyini.

12 Asiphenye uJoshuwa, isahluko 10, siqale ukufunda evesini 12.

> *UJoshuwa wayesekhuluma eNkosini mhla iNkosi inikela ama-Amori phambi kwabantwana bakwa Israyeli, wathi ebusweni babakwa Israyeli, Langa, yima* phezu kwe*Gibeyoni; na . . . Nyanga,* phezu *esigodini saseAjaloni.*
>
> *Lase lima ilanga, nenyanga yahlala, abantu baze baziphindiselela ezitheni zabo. Akulotshiwe yini lokhu encwadini kaJasheri na? Ngakho ilanga lama phakathi*

*nomkhathi, alisheshanga ukushona kungathi usuku lonke.*

*Futhi aluzange lubekhona usuku olunjengalo ngaphambi kwalo noma ngasemva kwalo, lokuba iN*KOSI *ililalele izwi lomuntu: ngokuba iN*KOSI *yamlwela uIsrayeli.*

13 INkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Ngifuna ukuthatha indikimba lapho cishe imizuzu engamashumi amathathu, uma ngingayibamba kulokho: INdida. Ngisebenzise lelozwi elilodwa nje: *INdida*.

14 Manje ngokukaWebster, i *ndida* yi "nto ebonakala ingakholakali, kodwa iyiqiniso," ngakho-ke indida ke ibingaba ngefanayo njengesimangaliso. Indida kungenkathi into ethize e—ebonakala sengathi ibingeke nje yabakhona, u—ukwazi komqondo womuntu; kungokungakholakali nhlobo, kodwa nokho ifakazelwe ukuthi iyiqiniso. Manje, isimangaliso besingaba yinto efanayo, ngokuba isimangaliso singechazwe. Isimangaliso siyinto ethize eyenzekayo, futhi ungeke wayichaza, lokho kuyenza ibe yindida. Kungokungakholakali, kodwa nokho kuyiqiniso.

15 Manje, abantu namhlanje, inqwaba yabesimanje, bakholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso sezedlule. Abakholwa ukuthi ikhona into enjengesi—simangaliso. Kodwa, nokho, ngiyakholwa ukuthi izwe ligcwele izimangaliso. Ngikholwa ukuthi indida ingeyanjalonjalo.

16 Isibonelo nje, ngikholwa ukuthi lonke ilunga elizelwe ngokusha loMzimba kaKristu liyindida kubo uqobo. Ngikholwa ukuthi ngamunye wenu Methodisti nePresbyterian neLuthela, ongakaze abe nesehlakalo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele, wayekwelinye ibandla eliyilo ngegama nje elingakholelwanga ekuZalweni okusha kwangoqobo, futhi manje usemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uyisibonelo esiphelele sendida. Ngoba, ikhona into eyenzeka kuwe, eyakuguqula bonke ubuwena, futhi noma ubani obengabuka lokho futhi azi ukuthi indida iyini: isimangaliso.

17 Uma kungenzeki lokho, ungeke waba ngumKristu. Kufanele kube nendida, ukuba wena ube ngumKristu. Isizathu, akekho onga—ongaguqula umoya kumuntu, futhi amnike ukuZalwa okusha, ngaphandle kukaNkulunkulu. UNkulunkulu yedwa nguye kuphela Ongakwenza. Futhi kuyisimangaliso ukuthi uNkulunkulu angakuthatha kanjani ukucabanga komuntu, nezindlela zakhe, nokuphila kwakhe, nayo yonke into, futhi akuguqule kulokho obekuyikho, kuye kulokhu okungaba yikho, Angakwenza.

18 Isibonelo nje, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngabizelwa e—enkundleni, noma e—entweni ethize encane eqhubekayo. Kwakukhona insizwa ekahle, umfana okahle kakhulu,

owayehamba nentombazane encane, intombazane encane ekahle kakhulu ephuma emndenini okahle. Futhi lomfana, khona manjalo, waqhamuka nohlobo oluthize lombono, futhi wavele wasuka wahamba nje. Wenza into ethize engalungile entombazaneni encane, futhi kakhulu njengoba wayethembisa ukwenza into ethize wase-ke akangayenza. Futhi esikhundleni sokuza entombazaneni futhi exolisa, njengoba u—umnumzane ohloniphekile efanele enze, yena, kwakungekho nje kuye ukuba akwenze.

19 Nobaba nomama bangibizela enkundleni, futhi bathi, "Singafisa ukwazi ukuthi yini engalungile kumfana wethu."

20 Manje, akulula ukwenza ngesinye isikhathi, kodwa ufanele ube neqiniso futhi ubeqotho. Ngakho-ke, umfana wayengumKristu, mayelana nekholwa. Wayephendukile futhi wayekade ebhaphathiziwe, futhi wayenesikhundla sakhe phakathi kwamakholwa, kodwa nokho wayengakawemukeli umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, akunandaba ukuthi wayecabanga kangakanani ukuthi wayenawo.

21 Ucabanga ukuthi unawo, nokuba naWo, yizinto ezimbili ezehlukene. Ungahle ukwazi ukuzama ukuba uthi unawo, futhi ungahle ukwazi ukukhombisa obunye ubufakazi obubonakalayo bamanye amadlingozi; kodwa ngaphandle uma impilo yakho iqinisekisa ukuthi kozisho ukuthi unakho, ulokhu ungakabi naWo. Akunandaba ukuthi amadlingozi amaningi kangakanani, ukuthi ugxuma kangakanani, ugijime, imizwa, ukukhuluma ngezilimi, noma ukumemeza, kumbe noma ngabe yini ongayibeka phezu kwakho; okungukuthi kulungile, ngiyakholelwa kukho konke lokho, nami; kodwa ngaphandle uma impilo yakho ibambisana nobufakazi bakho, khona-ke awunaWo. Isizathu, isithelo sikaMoya siqinisekisa oyikho, njengesithelo nje sanoma yisiphi isihlahla siyasho ukuthi siyini. UJesu wathi, "Niyakubazi ngesithelo sabo."

22 Manje, abazali balomfo osemncane. Unina uyiJalimane. Akukho kubonisa eJalimaneni, kodwa kukhona ubunzima kulowomndeni. Futhi, lokho ngukuthi, bayovele bahlale nje, futhi ungaxoxa nabo, futhi bayovele nje bakugqolozele ngqo ebusweni. Bane . . . Lodadewabo wentombazane, unina walomfana, udadewabo. Ngehle ngomgwaqo, ekuseni okuningi, nalentombi iyobe ihlezi phandle egcekeni, futhi ngithi, "Ukusa okuhle, kuwe." Yayivele ingibuke nje. Futhi ngime, futhi ngithi, "Impela ukusa okuhle." Ivele ime nje, ikubuke ngqo; owesifazane okhaliphile. Futhi ngithi, "Uboke wenyuke uzosibona ngesiny'isikhathi." Yayivele ime nje futhi ibuke. Awu, abafowabo bayileyondlela, ubaba nomama yileyondlela.

23 Manje ubaba womfana, ungumIrishi wokuqina, unokuhlala eshintsha, futhi unolaka olukhulu, uzwela kakhulu. Lowo

ngumndeni wakubo wonke unjalo, ngaphandle koyedwa omunye wasemndenini, uphendukile. Manje kulokhu, lomfana . . .

24 Lobaba nomama, bobabili bangamaKristu, bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi bakhulise lensizwa ngendlela yeNkosi. Futhi manje insizwa isithi ayibe neshumi nesikhombisa noma iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, into ethi ayibe lapho, umfanyana okahle kakhulu, futhi u—ubengumfana oyisibonelo sangempela ekhaya, umfanyana omuhle. Futhi unomfowabo ophambene nje nalokho.

25 Kodwa amantombazane, umndeni kamama, wakhe ngokusondelana ne . . . indlu yokukhonzela enhle. Kodwa nicabanga ukuthi bayoke beze laphaya na? Qhabo. Futhi bayazi ukuthi Liqinisile, kodwa nje akukho kubo uku—ukucela intethelelo noma bacele ukuxolelwa. Nje bangeke bakwenze. Nje akukho kubo.

26 Manje izimbewu zokhalo kubaba nomama walomfana, akunandaba ukuthi baphenduke kanganani, ilokhu ehlezi iyinyama ebenokuzalana yaphumela kulomfana. Ngakho-ke, umfana unokudidayo kuye, njengalokho okuvela emndenini kanina nje, futhi abathetheleli, abayikuxolisa, umi lapho-ke lowomfana.

27 Manje, ngathi kubaba, "Akunandaba ukuthi wamkhulisa kangakanani . . ." Ngathi, "Manje buka wena, emndenini wakho: bonke, izidakwa, no—nokulwa, nokudubula, nokusika, kanjalonjalo."

28 "Manje buka umndeni wakho," kumama. "Bayisigejane sabantu, abavele bahlale lapho nje futhi angeke bakhulume, baziphethe impela, kanjalonjalo, abanakho ukuhlonipha enkolweni. Kodwa," ngathi, "akusuwe. Nguwe kuphela kubobonke odadewenu nabafowenu, futhi unomoya omuhle, unomusa, futhi uyathethelela. Yini eyenza lokho na? Futhi ungumuthi, ingxenye yalowomuthi womndeni, nokho wemukele uMoya oNgcwele. Yileyonto eyakwenza waba ngothambile nonomoya omuhle. Akusesibo abantu bakini, nguKristu wakho ohlala kuwe."

29 Ngathi kumfana, "Buka umndeni wakini, ngokwangempela bonke bayizidakwa, kanjalonjalo." Ngathi, "Nokuthi bahlala beshintsha kanjani, futhi—futhi banolaka olukhulu futhi bezwela kakhulu, kodwa wena awunjalo. Unomusa, uyathethelela. Kuyini na? UMoya oNgcwele. Awusesikho oyikho; nguKristu kuwe." Ngathi, "Manje leyonto efanayo izokwenzeka endodaneni yakho."

30 Noyise waphakama wayesethi, "Indodana yami yaya ealtare. Yabhaphathizwa ngokuyikho, eGameni likaJesu Kristu, nombhaphathizo wamanzi echibini." Wathi, "Ngiyazi indodana yami ize kuKristu."

31 Ngathi, “Lokho kungahle kube kuhle, onke amadlingozi angaphandle. Ingahle ikhonjwe njengekholwa namakholwa. Kodwa ize iphinde izalwe, izalwe kabusha, ngingaluleka ukuthi leyonsizwa ingalokothi iganwe ngowesifazane. Iyokwenza isiHogo emhlabeni ngaye, kuze kuthi lowo omnene, omnandi, uMoya kaKristu othethelelayo ungene. Khona-ke lokho kuyoba yindida kukho uqobo, ukuthatha yona impela imvelo yomfana ezalwe phakathi kukayise nonina. Futhi nokho, ezinhlakaniphweni zakhe, uzama ngawo onke amandla akhe ukukunqoba. Angeke akwenza. Akasoze akunqoba. Kuzodingeka kube uKristu okunqobayo. Uma evumela uKristu angene, khona-ke usevele unqobile ke. Kuyoba yindida ephelele, uma umuntu ezalwa nguMoya kaNkulunkulu.

32 Ngibabonile abagxeki besukuma futhi bahlekise, futhi baqhubeke, ngemvuselelo kaMoya oNgcwele. Futhi emva kwesikhashana, uNkulunkulu ambambe lowomuntu ofanayo futhi amguqule, futhi nangu umi ngqo epulpiti eshumayela into efanayo ake ayizonda. Kuyindida, ukuthi uNkulunkulu angamthatha kanjani ongakholwayo futhi enze ikholwa ngaye.

33 Manje ngiyamangala, uma umuntu ecabanga ukuthi izimangaliso sesedlule, ngiyamangala ukuthi hlobo luni lomuthi wesayense obungalunika umuntu onjalo ukuguqula lobobuntu kubo, ukuthatha leyonzondo nenhliziyo embi nombango, kuphume na? Akukho noyedwa ongakuchaza. Kodwa kuyindida, ngoba kuyisimangaliso sikaNkulunkulu. Uma umuntu eguqulwa esuka kumuntu anguye, aye esidalweni esisha kuKristu uJesu, uba ngokudaliweyo okusha. Akasesikho ayevamise ukuba yikho. Usengokudaliweyo okusha ngokoqobo kuKristu.

34 Lelizwe qobo lwalo, esiphila kulo, liyindida ngokoqobo, ukuthi labunjwa kanjani. Siyathola, kumaHeberu isahluko 11 nevesi 3, ukuthi, “Izwe labunjwa ndawonye ngeZwi likaNkulunkulu.” Wayitholaphi uNkulunkulu impahla yokwenza lelizwe na? Walenza kanjani na? IBhayibheli lithi la “bunjwa futhi ladatshulwa lonke.” Konke okwesakhiwo salo nengxenye yalo kwahlanganiswa ndawonye ngeZwi likaNkulunkulu. Uma leyo kungesiyo indida, angazi ukuthi ikuphi. Besingaveza kuphi futhi sithi Wathola impahla, kube kwakungekho mpahla na? Wadingeka ukuba akhulume ivele. Kuyindida, ukuthi lelizwe lilapha kulobubusuku.

35 Enye into, kuyindida ukuthi lihlala kanjani emkhondweni walo, lilenga emkhathini. Lingalenga kanjani lapho kuleyondawo eyodwa, limpininiza nga*le*ndlela, cishe amamayela angamakhulu ayishumi nanye ngehora na? Amamayela ayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nane noma ezingamashumi amabili-nanhlanu ukuzungeza, futhi lihamba lizungeze njalo ngamahora angamashumi amabili-nane, liphelele ngangokuthi aligeji nangomzuzwana. Liphenduka ngokuphelele kakhulu, lokho kungaphezu

cishe kwe. . . Kungaphezu kwamamayela ayinkulungwane ngehora, liphenduka lizungeze *kanje*, lilenga emkhathini. Uma belingenyuka noma lehle, noma yikuphi, ngani he, belinga—belingaphazamisa wonke umgudu womgudu kaNkulunkulu ophathelene nelanga. Futhi lihamba lizungeze inkabazwe, lizungeze umkhondo kaningi kangaka, isikhathi sonyaka, alehluleki neze, izinkathi zonyaka impela nje.

36 Ngitsheleni ukuthi yini elibamba phezulu lapho, yini eliphendula ngokuphelele kangaka ngesikhathi. Ungathola iwashi; angazi ukuthi ungalikhokhela malini elilodwa, amadola ayizinkulungwane; futhi lelowashi, phakathi kwesikhathi esiyinyanga, liyolahla imizuzu. Abanalutho olungasebenza ngokuphelele kangaka, kodwa nokho lelizwe liphenduka ngokuphelele. Ngani na? NguNkulunkulu olenzayo. Yindida. UNkulunkulu waliyala ukuba lenze lokho, futhi liyakwenza.

37 Kuthiwani-ke ngenyanga na? Nokho izigidi zamamayela ukusuka emhlabeni, futhi nokho i—ilawula ukuhlehla nokubuya kolwandle emhlabeni. Ikude ngamamayela ayizigidi, ukuthonya kwayo, kokuma emkhathini wayo. Imi emkhondweni wayo, ithonya umhlaba. Unozungez'ilanga ngamunye uthonya omunye, ngokuhlala endaweni yakhe.

38 O, intshumayelo enje pho ebengingayithatha isukela lapha, isifundo! Ukuthi zingahlala kanjani izidalwa zikaNkulunkulu ngasinye endaweni yaso, besingathonya esinye. Kodwa sichezukela kokunye ukuthukuthela kwengane kwasendle ndawondawo, bese sibumba inhlangano futhi sizehlukanise, okubonakala singenakho ukukholwa, bese kuthi-ke sibe nawo wonke umgudu wobuKristu uxovekile. Ukuba wonke umuntu ubengahlala endaweni yakhe, bekungaba yindida kaNkulunkulu, ukubona ukuthi uNkulunkulu ubengawaletha kanjani amaPresbyterian, amaLuthela, amaBaptisti, amaMethodisti, amaKatolika, nawo onke abe ndawonye. Ukuba besingabuyela eZwini likaNkulunkulu, bekungaba yindida yangempela. Bese kuthi-ke lonke ibandla belingavumelana, hhayi phezu kwezivumokholo zenu kanjalonjalo, kodwa phezu kweZwi, ngendlela eLilotshwe ngayo. Ngoba, "Alichasiswa ngumuntu ngokwakhe," kusho umBhalo.

39 Ukuthi leyonyanga ilithonya kanjani izwe! Lapha kungekudala, umngani wami, umakhelwane wami, wayemba imigodi yemithombo ka oyela, phansi esifundazweni saseKentucky. Futhi ngenkathi leyonyanga iqala ukuphumela laphaya, lokho kuhlehla nokubuya kolwandle kuyangena kusuka le kunqamula emhlabeni. Lawomanzi anosawoti, phansi emgodini lapho babebhola khona, ayophakama uma inyanga ifika. Akunandaba, uma kuphansi amafidi angamakhulu phansi kwengaphezulu lo. . . noma ngaphezulu komhlaba lapha. Kushona phansi amafidi angamakhulu, nokho, uma leyonyanga

iphenduphenduka, lawomanzi ayaphakama ukuhlangana nayo. Enza.

40 Ungeke wafihla noma yini, uma uNkulunkulu eyiyalile. Izofanele imlalele uNkulunkulu, uma uNkulunkulu enikeza ukuyala kwaKhe. Yingalesosizathu ngazi ukuthi Uyoba ne "Bandla elingenasisihla noma elingenambimbi," uNkulunkulu ukuyale kanjalo. Kuyodingeka kulalele. UNkulunkulu uzoba nalo, ngoba iZwi likaNkulunkulu lisho njalo.

41 Ukuthi kuba kanjani ukuhlehla nokubuya kolwandle, inyanga, nayo yonke into, ithonya ukwenza komhlaba! Uthatha . . .

42 Sibona inkanyezi itshuza, siyibiza ngenkanyezi. Leyo akusiyo inkanyezi itshuza. Ngukukhanya. Kusobala, siyakwazi lokho, kodwa siyibiza ngenkanyezi. Leyonkanyezi ibingeke yahamba iye kude kangako. Uma inkanyezi eyodwa ibingaphuma emkhondweni wayo, mhlawumbe ibingathonya yonke into esemjikelezweni, kuwo wonke umhlaba nezulu. Ibingakwenza. Ibingaphazamisa. Yonk'into ifanele ihlale endawaneni yayo, ukuze igcine umgudu kaNkulunkulu uhamba.

43 Kanjalo sifanele sihlale endaweni yethu, sifanele sihlale njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Ukuba sasingazange sawa emuva lapho, into ngabe ibiphenduka, bekungebebikho-kufa nalutho olunye. Kodwa akabongwe uNkulunkulu, kuza indida, lapho uNkulunkulu uqobo lwaKhe eyolihlela libuyele endaweni lapho elifanele libe khona. Yebo, indida.

44 Umuntu ongakholelwa e—endideni, futhi ongakholelwa ezimangalisweni, ubungabubonisa kanjani ubuhlakani bakho, futhi ubuka ebusweni bezinto ongeke wazichaza na? Akunakwenzeka nhlobo kunoma yimuphi umuntu ukuba achaze ukuthi izwe lingazizungezela kanjani lona uqobo futhi ligcine lisesikhathini esiphelele, futhi (njalonjalo) wonke umgudu ophathelene nelanga nalezozinto, nokuthi inyanga ingawuthonya kanjani umhlaba. Nokuthi zingaki ezinye izinto ebesingaxoxa ngazo!

45 Ukuthi a—amanzi esihlahla ekwindla yonyaka ayoshona kanjani phansi empandeni yesihlahla, ngaphandle kwanoma yibuphi ubuhlakani bokuwehlisela phansi lapho, buwabuyise entwasahlobo yonyaka, nokuphila okusha, ngani, yindida. Akekho ongakuchaza. Asazi ukuthi kwenziwa kanjani. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi, ngakho-ke yindida, njalonjalo. Kuyimfihlakalo ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani lokho. Siyakubuka kakhulu impela kuze kujwayeleke kakhulu. Sikubuka sikweqe ngaphezulu.

46 Futhi yileyo indaba nga (thina) bantu bePentecostal. Simbonile uNkulunkulu enza izindida eziningi kakhulu sekuze nje kube yisikhathi simbe esikucabanga ngaso. Ukuba

kuphela besingake sime umzuzu futhi sinake! UNkulunkulu undawo zonke. UNkulunkulu u—uyenza. Newashi laKhe elidala lesikhathi lihambe lichachaza lijika kahle, liyoze lithi ekugcineni lihambe liyothi ngqu liphumele ePhakadeni, ngoba uNkulunkulu ulethembise ukuthi lenze lokho. Manje siyazi ukuthi kunendida.

47 Manje, emuva ngezinsuku zikaNowa, ngaphambi kokuba kufike imvula, nozamcolo. Impela kwakuyi—yinto el'khuni kuNowa, kulowonyaka omkhulu wezihlakaniphi ayephila kuwo, ukuzama ukutshela abantu, ngezwi likaNkulunkulu, ukuthi lalizokuna. Manje lalizona, akungabazeki, ukuthi alihlangabezananga ne—nemfanelo yocwaningo lwabo lwezesayense. Kwakungekho mvula ezibhakabhakeni. Kodwa, niyabo, uNowa wathi iyobakhona imvula ngenxa yokuthi uNkulunkulu wathi iyobakhona imvula. Futhi uNowa, ngokukholwa, ngaphambi kokuba imvula ize ifike, wathi iyobakhona.

48 Yingalesosizathu sisho into efanayo. Lokho, bathi, "Ngani, uJesu, bathi Wayeza kudala. Amakhulu eminyaka eyadlula, babezisho ukuthi Wayeza. Abaprofethi basho njalo; mhlawumbe isizukulwane sabo." Lokho akukumisi nakancu. Sisalokhu sazi ukuthi Uyeza. Kuzoba kanjani na? Angazi. Kodwa uNkulunkulu uzoMthuma. Wakwethembisa, futhi ngiyazi Uzobalapha.

49 Manje, uNowa wayengathi kuphela, "UNkulunkulu washo njalo." Kodwa, niyabo, manje-ke, empeleni, akuhlangabezananga nemvumelo yabo yesayense ngalolosuku. Kodwa ngenkathi sekufika isikhathi seZwi ukuba ligcwaliseke, lana, ngokufanayo nje. Leyo kwakuyindida impela ngalolosuku, ukucabanga ukuthi imvula yayingavela esibhakabhakeni, lapho kungekho-mvula khona.

50 Kodwa uma uNkulunkulu ethathwa eZwini laKhe, Angenza, enze indida. Angenza isimangaliso. Futhi noma yimuphi umuntu ozelwe yilowoMoya ofanayo owenza izimangaliso, ngani, kuyinto elula kuye ukuba akholwe yizimangaliso, ngoba uyingxenye kaNkulunkulu. Amen.

51 Indodana nendodakazi kaNkulunkulu; hhayi ngehlelo, hhayi ngesivumokholo, hhayi ngokuxhawulana; kodwa ngokuzalwa, ukuthi nifile ekuhlakanipheni kwenu uqobo okuningi, futhi nazalwa nguMoya kaNkulunkulu. Futhi uyindida, qobo lwakho, ukuthi uguqulwe kanjani ekufeni waya ekuPhileni. Kubuwena obuphakathi impela bakho ngokudaliweyo okusha kuKristu uJesu. Yindida.

52 UNkulunkulu ukhuluma iZwi laKhe, abantwana baKhe uyalikholwa noNkulunkulu. Isayense ingeke yafakazisa ukuthi kungenziwa kanjani; abazi lutho ngakho. Kodwa abantwana bayakukholwa, noma kanjani, bese kuthi-ke uNkulunkulu enze indida, ukwenza kube kanjalo. Ukwenza kube kanjalo, ngoba

iZwi laKhe elakhuluma izwe laba khona, lingaletha, lingenza onke amazwi, Ake awethembisa, afezeke.

53 Yingakho uAbrahama engangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa, kodwa wayeqinisekile ngokugcwele ukuthi wayenamandla okwenza nokugcina lokho Athi Uyokwenza. Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, eseneminyaka eyikhulu ubudala, noSara amashumi ayisishiyagalolunye, ukuba nalengane. Ngenxa yokuthi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza futhi (enze) abe nendida ukuba yenzeke entweni ethize, isimangaliso ukuba senzeke, futhi Wasenza.

54 Abantwana bamaHeberu. Manje ubungayenza kanjani isayense ikholwe namhlanje ukuthi umuntu wayengahamba angene esithandweni na? O, ngingesaba ukusho ukuthi kwakungamaZinga amangaki okushisa; kodwa akwazi ukuyongena kuleso sithando emuva lapho, eNcwadini ka—kaDanyeli, futhi ahlale kuleso sithando baze bacabanga ukuthi yena, bashiswa bonke bawohloka baba yimilotha. Okungukuthi, ngisho nomuntu, umbutho omkhulu wamasosha, indoda enkulu eyisidlakela eyaphumela lapho uku—ukubaphosa esithandweni, lawo indoda angena lapho abhubha, ngokushisa okunamandla kwesithando okwakubhekene nabo. Futhi bawela esithandweni, futhi wayephansi phakathi lapho sonke lesisikhathi, futhi baphuma bengenalo ngisho nephunga lomlilo kubo.

55 UNkulunkulu, enza isimangaliso! Leyo kwakuyindida yangokoqobo, yamandla kaNkulunkulu agcinayo, ukumelana nanoma yisiphi isitha, uma umuntu eselungele ukuvuma ukuthi uNkulunkulu uqinisile. Futhi uNkulunkulu ugcina iZwi laKhe futhi uhlonipha labo abakholelwa kuYe. Impela ngiyakholelwa endideni.

56 UJoshuwa, iqhawe elikhulu engisanda kufunda ngaye, emizuzwaneni embalwa edlule, eNcwadini kaJoshuwa, isahluko 10. Qaphelani, uJoshuwa wayengu—ngumngani kuNkulunkulu. Wayeyisosha, i—induna, futhi uqubuka phansi kokuthonya komprofethi, uMose. NoMose wayesethathiwe, noJoshuwa wayalwa ukuba ayise abantwana ezweni elithenjisiwe, nokuthi abe amazwe. Ukungalaleli kwabantwana; noMose wayekade elindile ukuze abemdala, futhi ngakho uJoshuwa uyenyuka ukuthatha indawo kaMose, ukuba abe yinduna kaNkulunkulu.

57 Futhi iNkosi yakhuluma kuye, futhi yathi, “Njengalokho Nganginaye uMose, kanjalo Ngiyakuba nawe.” Lokho kumanele kahle uJoshuwa. Wathi, “Qina futhi ume isibindi kakhulu, ngokuba iNkosi uNkulunkulu wakho inawe noma uyaphi. Futhi zonke izindawo lapho amathe onyawo lwakho eyakuhlala khona, leyo Ngiyinike wena.” Manje-ke, amanyathelo ayesho ukuyidla. Lonke izwe lalingelabo. Kwakuyisithembiso.

58 Kude ngaphambi kokuba kuze kwenzeke, ngenkathi ehlela lapho noKalebi nezinye izinhloli, futhi babebabonile abaphikisana nabo abakhulu, ama-Amaleki, na—namaPherizi, namaHeti, kanjalonjalo, bonke bebiyelwe ngaphakathi, futhi lapho eJeriko babengagijimisa umdlalo wezinqola zamahhashi phezu kwe—kwendawo, nendoda enamandla enkulu. Lokho, abanye ba—babangakholwayo phakathi kwabo, bathi, "Ngani, sibukeka sifana nezintethe kubo."

59 Kodwa uKalebi wathi noJoshuwa, "Sinamandla amakhulu ukulithatha."

60 Ngani na? UNkulunkulu wathi, "Ngininike lelizwe." Akunandaba ukuthi ophikisanayo uyini, ukuthi mkhulu kangakanani no—nokuthi u—u—ubunzima bubukeka kanjani, nokho uNkulunkulu wathi lalingelabo. O! UNkulunkulu uyakwazi ukugcina lokho Akwethembisile.

61 Kwakuyindida, ukubona imbijana yabantu, bengahlomile, cishe impela, kodwa lokho ababekucoshe ezingwadule, futhi lapho ababexoshe khona omunye umuntu, mhlawumpe njengokufana namahhala amadala namasaha, futhi noma yini ababengakuthola. Bangena lapho futhi bashaya lawo indoda bawalahla phansi, ababeyiziqhwaga. Kwakuyindida. UNkulunkulu wayazi ukuthi babenesibindi ukukwenza. Futhi Ubanika isithembiso, futhi bangena futhi benza impela lokho uNkulunkulu abethembisa ukuba bakwenze.

62 Ngeliny'ilanga, ekushiseni kwempi, ngenkathi amakhosi ayenze isivumelwano esikhulu phakathi kwawo futhi ayehlile ngokumelana noJoshuwa nabantwana bakwaIsrayeli. Ukuthi, uNkulunkulu wayebathembise izwe. Futhi wayexoshe isitha, futhi babesemahlathini namagquma, behlakazekile ehlane lapho, noJoshuwa wabuka futhi wayebone ilanga liyoshona. Wayazi ukuthi uma lawomabutho ethole ithuba lokuphinda azibeke endaweni futhi—futhi abuyele kuye futhi, ngani, uyazi ukuthi uzoba nokubili njengesikhathi esinzima futhi mhlawumpe alahlekelwe amanye amaningi indoda, uma eke aze athola indawo ukuba aphinde azihlanganise ndawonye.

63 Yilapho, abefundisi, yilapho esihluleka khona. Yilapho ibandla lehluleka khona. Uma lemvuselelo esibenayo nje, lo imikhakhanso emikhulu eqalile ezweni lonke, ngenkathi sibe nesitha sigijima, besifanele sisigijimise njalo. Kodwa, into yakho ingukuthi, sifanele sichezukele ekuthukutheleni kwengane nokunye nokunye, nokuzitika okukhulu kwesakhiwo no "kwenza okuningi okwamaqembu ethu," nokunye nokunye. Futhi lapho uyafika, futhi sizehlukanise eZwini, futhi sithatha *lokhu*, *lokho*, futhi khona-ke sakha okunye okuningi kwezinhlangano zabo, futhi siqala enye into. Yileyondlela okuhlale kuhamba ngayo. Yileyondlela okwakungayo ezinsukwini zikaLuther, uWesley, noMoody, uSankey, uFinney,

uKnox, uCalvin, yonke indlela kwehle. Bekuyindlela efanayo. Basusa amehlo amabo e—emvuselweni, futhi kungene kulokho abangazenzela khona.

64 Kodwa niyazi ukuthi kwenzekani na? UJoshuwa wayengesilo lolohlobo lomuntu. Wayedinga isikhathi. Ilanga lase liyoshona, futhi wayazi ukuthi uma isitha sike sakha . . . Imvuselelo yayisicishe impela ibe sekupheleni kokuvalwa kwayo, njengoba simile namhlanje. Wayazi ukuthi uma eke walinda isitha saze sathola ukuqiniswa ngokumelana naye, kuzobal'khuni ukunqoba leyompi. Uyazi ukuthi wenzani na? Wayazi ukuthi uNkulunkulu wethembisa lelozwe. Wayedinga esinye isikhathi esiningi. Ngakho ilanga lase lithi alishone, khona-ke wathi, "Langa, yima." Amen. Indida, impela. Futhi lelolanga lama lapho okosuku olugcwele, futhi alizange linyakaze; nenyanga ngale Ajaloni, ayanganyakaza neze, futhi.

65 Ngoba, iBhayibheli lathi lapha, ukuthi, "Kwakungakaze kube nesikhathi ngaphambili, noma selokhu, esinjalo, ukuthi uNkulunkulu alalele izwi lomuntu."

Wena uthi, "O, uma bengazi ukuthi nje siphile kulolosuku!"

66 UJesu wathi, kuMarku oNgcwele 11:24, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzofezeka, ungabanakho okushilo." Kuselokhu kungumusa, nendida, kwehle njalo onyakeni wethu. Impela.

67 Leyonyanga nelanga kwama waze uJoshuwa wayilwa indlela yakhe wayiqeda, noIsrayeli, futhi baziphindisela phezu kwesitha sabo. Ngani na? Kwakusemgqeni womsebenzi omiselwe.

68 Manje uma ubungaphuma lapha futhi uthi, "Ntaba, suka! Ngifuna ukukukhombisa ukuthi ngingakwenza." Ngeke kukwenze.

69 Kodwa uma kusemgqeni womsebenzi omiselwe, uma uNkulunkulu ekuyalile ukuba wenze into ethize! Njengoba Asho kuMose, "Ukhalelani kiMi na? Khuluma kubantwana."

70 Abantu namhlanje uyakhala ngaso sonke isikhathi, "Nkosi, yini elandelayo, yini elandelayo na?" Nje khuluma futhi uhambe uye phambili! Kunjalo. UNkulunkulu usithumile ukuba senze into ethize, asiyenze. Ungami ngale futhi ucabange ngakho, uthi, "Kungenzeka kanjani na? Awu, *lokhu* yilokho." Kwenza noma yimuphi umehluko; uma uNkulunkulu ethe kwenze, kwenze noma kanjani. UsenguNkulunkulu wezimangaliso.

71 UJoshuwa, impela kwakuyindida ngenkathi lelolanga lima. Ngangikhuluma ku—kusosayense esikoleni ngesinye isikhathi, futhi wayenguthisha weBhayibheli. Futhi wathi . . . Ngabhekisela kuye lokhu. Ngathi, "Bengicabanga ukuthi wathi u—umhlaba wawuphenduka, uyabo, ne—nelanga lama na?" Ngathi, "Kanjani ngeBhayibheli usanda kusitshela nje ukuthi

laliyiqiniso na? UNkulunkulu . . . UJoshuwa wathi, 'Langa, yima.'" Awu, akakwazanga ukuphendula lowo.

72 Kodwa ilanga lama. Alenzanga kunyakaza, niyabo. Lokho ngempela umhlaba wama. Futhi manje wena uthi . . .

Wathi, "Umhlaba wama."

73 Ngathi, "Uthe, 'Uma umhlaba wama, walahla amandla awo adonsela phansi futhi wonke umuntu wayeyowa kuwo.' Manje uzokwenzani na?"

74 Kuyindida. Amen. UNkulunkulu wamisa umhlaba wonke jikelele ekuphendukeni, amen, ngoba umuntu wathi, "Yima lapho, ngize ngiyilwe ngiyiqede lempi." Leyo yindida. Amen.

75 Kwakuyindida ngenkathi onke amabutho akwaIsrayeli ayenqwabelene ekhoneni, futhi ayesaba leso esikhulukazi isiqhwaga esifana nesasendulo simi lapho, esigama linguGoliyathi. Futhi lapho amabutho akwaIsrayeli, uSawulu oqeqeshwe kahle, ikhanda namahlombe ngaphezu kwalolonke ibutho lakhe, futhi eqhaqhazela emabhuzwini akhe. Akukho muntu owayekwazi ukuhlangana nenselelo yalendoda yangalolosuku.

76 Nakho kuza omncane, obukeka ebomvana, umfanyana oqhothe amahlombe, esinda cishe amaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye, nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso kanjalo. Wathi, "Ihlazo kulelibutho likaNkulunkulu ophilayo; lime lapha futhi lidedele lowomFilisti ongasokile adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo."

77 Ngenkathi izwi lifike kuSawulu, uSawulu wathi, "Awulutho kodwa omusha, futhi uyiqhawe kusukela ebusheni bakhe. Futhi ungumfanyana, futhi buka ukuthi uyini. Ngani, angeke uye umelane naye."

78 Kodwa wathathani na? Akazange athathe umkhonto, akazange athathe inkemba, kodwa wathatha indwayimane. Futhi indawo eyodwa kuphela okwakungashaywa khona lesosiqhwaga, leyo kwakusesiphongweni ngqo, lapho isikhali saso sawela phansi phezu kobuso baso ukufihla amehlo aso. Futhi lelodwala, futhi ibanga elide kusuka kulowomkhonto oyinayithi ongamafidi ayishumi nane ayenawo esandleni sakhe; konke kwakuphumile inqobo nje uma kwakuphumile, kwakuyocosha uDavide omncane futhi enze noma yini kuye, futhi amphanyeke emthini, njengoba wayesabisa ukukwenza, futhi adedele izinyoni zidle isidumbu sakhe.

79 Kodwa kwenzekani na? Lapho kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu ethathe indoda encane ebomvana eyayingabukeki kakhulu kangako, nhlobo, hhayi ngisho isosha eliqeqeshiwe, umfanyana nje owayenokukholwa kuYe, futhi wabeka lonke izwe ehlazweni. UNkulunkulu wakwenza ngendida.

80 Amen! UsenguNkulunkulu, kulobubusuku, bendida, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

81 Wafaka yonke impi esiphithiphithini. Bakubona lokho, futhi baqala ukugijima futhi basubatha, ngenxa yokuthi babona ukuthi kulowomfo omncane kwakungukukholwa kuNkulunkulu Owayengaguqula yonke imvelo, enze noma yini Ayefuna ukuyenza, uma umuntu engakholwa iZwi laKhe. Impela. Ngikholwa ukuthi kwakuyindida.

82 UMose, indoda enkulu yempi owazama ukukhulula uIsrayeli, futhi akakwenzanga. Wayefuna ukubhubhisa abaseGibhithe. Wabhubhisa umuntu oyedwa, futhi wangena enkathazweni ngakho, ekwenza ngentando yakhe uqobo. Kodwa khona-ke wathatha induku, induku endala eyomile yasogwadule, futhi wabulala lonke ibutho. Amen. Uma lokho kungesiyo indida, angi ngani. Ngenkathi eshaya leyonduku phezu kolwandle, futhi ebiza ulwandle ukuba luvale; futhi waminzisa iGibhithe, isizwe sonke, ngesikhathi esisodwa, ngenduku esandleni sakhe. Amen.

83 Kwakuyindida, ukuthi wamhola kanjani uIsrayeli edabula ehlane, futhi iminyaka engamashumi amane. Futhi ngenkathi bephuma, kwakungekho-muntu obuthakathaka phakathi kwabo. Lokho yindida. Yebo, mnumzane. Indoda enkulu kangaka okwakuyiyo, lokho uNkulunkulu amenzela khona, ngoba wamkholwa uNkulunkulu! Kwakuyindida. Yebo, mnumzane.

84 Kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu ekhethe indoda eyodwa encane, egama linguMikhaya, phambi kwabaprofethi abaqeqeshwe kahle abangamakhulu amane bakwaIsrayeli, ngoba lendoda yayivuma ukuhlala neZwi likaNkulunkulu ngenkathi bonke abaphikisanayo wayemelene naye.

85 Ngenkathi amakhulu amane ethe, "A, yenyuka!" Wathi kuAhabi noJehoshafati, "Yenyuka, iNkosi inawe. Sinesambulo nje. INkosi inawe. Yenyuka, uyobaphusha bayothi ngqu baphume ezweni lethu, ngoba lingelethu. UNkulunkulu usiphe lona. UJoshuwa wehlukanisa amazwe, futhi leli lingelethu. Futhi lapho ngamaFilisti enhla lapho, edla okusammbila okuphuma emasimini ethu. Ngani, akungaphezu kwesizathu, isambulo sethu silungile."

86 Khona-ke uNkulunkulu wayikhetha kanjani indoda encane enjengo Mikhaya, eyayingeke ngisho ingene enhlanganweni, kodwa uyenyuka lapho neZwi leNkosi. Futhi wathi, "Yenyuka, kodwa ngibone uIsrayeli ehlakazekile njengezimvu zingenamelusi." Kwakuyindida, uNkulunkulu wayengamisa kanjani umfo omncinyane onganakekile phandle lapho phakathi kwalolonke elikhulukazi iqembu lababaprofethi abangamakhulu amane, bababaprofethi bakwaIsrayeli, abaprofethi bamaJuda bemile lapho beprofetha ngokungamanga. Wayazi kanjani

uMikhaya ukuthi wayeqinisile na? Ngoba wayeseZwini ngqo. UElija washo ukuthi into efanayo iyokwenzeka; futhi wayengakubusisa kanjani uNkulunkulu ayekuqalekisile na? Kwakuyindida, kodwa uNkulunkulu wakwenza kwafezeka. Impela kwafezeka.

87 Kwakuyindida; ngenkathi omncanyana, umfana obukeka esasitabane namagoda amancane ayisikhombisa ezinwele zilenga ekhanda lakhe, futhi mhlawumpe ifindo lomhlobiso kulo, yilokho kuphela engikwaziyo, njengesitabanyana. Igama lakhe lalinguSamsoni. Futhi ngenkathi ingonyama, cishe amaphawondi angamakhulu amahlanu, mhlawumbe, ingonyama yabhonga futhi yeza kuye futhi izolwa naye, futhi wathatha izandla zakhe wayesiyidwengula yehlukana leyongonyama kabili. Amen. Kodwa bhekisisani ukuthi kwenzekani na? UMoya weNkosi ufika phezu kwakhe kuqala.

88 Yilokho okubangela indida. Yilokho. Indida enjengaleyo ibingokhela lenkundla iarena, kulobubusuku, ngenkazimulo kaNkulunkulu. Uma uthando lweNkosi belungavunyelwa ukuba lufike phezu kwabantu, khona-ke bebezokhuleka. Indida, impela. Yebo.

89 Ngenkathi uSamsoni ebulala leyongonyama, ngezandla zakhe ezingenalutho, wayidonsa yehlukana kabili; omncanyana, uhlobo olusasitabane lomfana enamagoda amancane ayisikhombisa ezinwele elenga emhlane wakhe.

90 Kwakuyindida ngenkathi ethatha umhlathi walowomnyuzi, futhi washaya phakathi amakhanda amaFilisti ayinkulungwane. Ngenkathi, lezozigqoko ezinkulu zezivikelo namajazi amakhulu ensimbi, ethusini lisinda cishe amaphawondi ayikhulu, noma asondele kulo, izihlangu ezinkulu nokunye nokunye, imikhonto, indoda eqeqeshwe kahle, nesigqoko sesivikelo esithi asibe yi intshi nohhafu ugqinsi, sethusi, uyehla futhi uyapequlula, futhi nje ubuso babo. NoSamsoni wama lapho nalomhlathi womnyuzi, kade ulele lapho mhlawumbe amashumi amane, amashumi amahlanu eminyaka, ogwadule, womile. Awu, ukukhotha okukodwa esinqanyini sensimbi enjalo lokho kwakungawuvithiza ube yizicucu eziyisigidi. Kodwa wama lapho, yileyonto kuphela, wayethunywe ukuba alwe nokuthi akhiphe lelozwe. Wakhuliswa futhi wazalelwa ukubulala lesosizwe. Haleluya!

91 Ukuba ibandla kuphela belingaqonda ukuthi nizokwenzani lapha! Ukuba ibandla lePentecostal kuphela belingaqonda ukuthi nizokwenzani lapha na? Kuyini ukumelwa kwenu na? Naphumelani kulezizinto ukuba nibe yilokho eniyikho na?

92 Wayazi ukuthi wayezalelweni. Wayazi lapho ayemi khona. Into ayenayo esandleni sakhe ayenzanga mehluko. Wama lapho, futhi lapho lawomaFilisti eza. Nalokho kukhotha okunamandla, kwalesosigqunswana esincane simi phezu kwedwala, ukuba

sifinyelele phezu kwamakhanda abo. Ngenkathi begijimela enhla lapho, wayebashaya njalo, nomunye komunye. Futhi lapho kwalala inkulungwane yawo, ilele ifile lapho. Kwakuyindida, ukuthi lowo womnyuzi, umhlathi wawubamba kanyekanye. Kwakuyindida, ukuthi lwakwenza kanjani lolocezu oluncane lwethambo elivandlazekile ukuba likwazi ukubhodloza lezo zigqoko zezivekilo zethusi eziyi intshi ugqinsi futhi abulale lawomaFilisti, inkulungwane yawo. Futhi wayelokhu emi lapho nawo usesandleni sakhe, usalokhu nje ukahle njengoba wawunjalo ngenkathi ewucosha. Kwakuyindida. Amen futhi amen!

93 Usenguyena izolo, namuhla, naphakade. UsenguNkulunkulu ofanayo, kunoma yimuphi umuntu obizelwe ukuthatha iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu uyoma ngakuye uma engabi yigwala. USamsoni wayengabaleka, kodwa akakwenzanga. Kunjalo.

94 Kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu ebiza uJohane umBhaphathizi, indodana yompristi, ephuma esikoleni esikhulu sabapristi, ikholiji elikhulu. Akulandelanga ngani lokho na? Okungukuthi, kwakungokwesiko ukuba abantu balandele isiko lawoyise. Ngani, kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu eyisa uJohane ehlane, ukumtshela ukuthi uMesiya uyoba yini, ukumtshela ukuthi sibonakaliso sini sikaMesiya esiyoba yiso, ukuthi wayezokwazi kanjani. Esikhundleni sokuya esikoleni, ukuyofunda ngokuthi uMesiya uyoba yini; uNkulunkulu wamyisa ehlane, ukuba amtshele ukuthi uMesiya uyoba yini. Kwakuyindida ngempela, kulabobantu ngalolosuku. Yebo.

95 Ngenkathi kufika ukuzalwa yintombi, lokho kwakuyindida; ukuthi kanjani uNkulunkulu, ukuze azazise Yena uqobo kumuntu, waba wumuntu. Ukuthi kanjani uNkulunkulu, uMoya omkhulu . . . UNkulunkulu, kimi, wayengaphambili; kwakungekho ngisho ukukhanya, kwakungekho-nkanyezi enomsila, kwakungekho a—a—a—atomu, kwakungekho-molekhuli umsuka wezinto, kwa—kwa—kwakungekho lutho, futhi yonke into yayinguNkulunkulu. Yebo, Mkhulu kangako-ke. Usuka ePhakadeni, adabule ePhakadeni. Wayehlale njalo enguNkulunkulu. Uyohlala njalo enguNkulunkulu. Nokuthi omkhulu kunabo bonke wakho konke ukuPhila uba kanjani yimbewana encanyana esizalweni sowesifazane, ukuze athathe umthetho waKhe uQobo, ukuba akhokhe inhlawulo yomthetho waKhe, ukufa; ukuthi wabonakaliswa kanjani uNkulunkulu enyameni, ukuthi uNkulunkulu omkhulu waseZulwini waluguqula kanjani uhlobo lwaKhe esuka ekubeni nguNkulunkulu, aye ekubeni ngumuntu, ngokuzalwa yintombi, akekho ongakufanisa.

96 Isayense namhlanje ingeke yakutshela ukuthi ukuzalwa yintombi kwabakanjani, kodwa uNkulunkulu wakwenza. Wafika. Akekho owayekwazi; wonke umuntu wazalwa

ngokocansi. Njengere-. . .umuntu oyedwa ufana nabo bonke abanye, akekho owayengasiza omunye. Sonke sasisenkathazweni, kwase kuthi-ke uNkulunkulu qobo lwaKhe wehla futhi wazalwa, hhayi ngeJuda, hhayi ngoweZizwe, kodwa iGazi laKhe lalinguNkulunkulu. Igazi livela ehlelweni lesilisa. Kulendaba, kwakunguNkulunkulu, uNkulunkulu umdali, wadala inhlayiya yeGazi esizalweni sikaMariya, futhi wazakhela Yena uqobo, itabernakele ukuthi Yena uqobo uyehla futhi wahlala kulo.

97 "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." Lona impela igama elithi *Kristu* lisho "OGcotshiweyo." O! WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu ekugcwaleni kwaKhe wayehlala kuYe. Amen. "KuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Leyo kwakuyindida. Kwabhadazelisa abantu ngalezo usuku, "Wena ungumuntu Uzenza uNkulunkulu." Usakwenza. Kodwa kuyafana nje, kuseyindida efanayo iyaqhutshwa. WayenguNkulunkulu. Usenguye uNkulunkulu. Uyohlala njalo enguNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Yebo, mnumzane.

98 Lokho kuzalwa yintombi kwakuyimfihlakalo kubantu, babengakuqondi, njengoba nje ukuZalwa okusha kunjalo namhlanje. UkuZalwa okusha kuyimfihlakalo kubantu. Bangekuqonde. Abazi ukuthi uchaza ukuthini. Bakubukele phansi, bakwehlise, bethi, "Awu, ngoba nje ukholwa yinto ethize." Amademoni akholwa yinto efanayo, futhi athuthumele. Akusikho ukuthi ukholwani; kuyilokho uNkulunkulu empeleni akwenzile. UkuZalwa okusha kungukuzalwa. Kwakungokusha. Kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu eletha ukuPhila okusha esintwini. Ukukwenqaba, kungukwehlukana okuPhakade. Ukukwemukela, kungukuPhila okuPhakade. Une . . .

99 Nisezisekelweni ezifanayo njengoba uAdamu noEva wayekuzo. Ungathatha . . . Uma uNkulunkulu ekubeka phezu kwanoma yini enye, bekuyoba ngokungenabulungiswa kuAdamu noEva. UAdamu noEva ngamunye, kulobubusuku, unokulungile nokungalungile okubekwe phambi kwabo. Ungenza ukukhetha kwakho. Ungathatha iZwi likaNkulunkulu noma uliyeke iZwi likaNkulunkulu. Ungathatha iZwi likaNkulunkulu noma uthathe izivumokholo zakho zehlelo ngaLo. Ungathatha imibono yakho yesimodeni salokho okuyikho. Ungazalwa ngokusha futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, noma ungaba ngowesonto, phakathi kokukodwa ofuna ukuba yikho.

100 "Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu." Haleluya! Ngikholwa ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, phezu kweBandla laKhe, njengeNsika yoMlilo, futhi wazehlukanisa Yena uqobo, ngezilimi ezahlukeneyo, phakathi kwabantu baKhe, ulapha kulobubusuku.

NguNkulunkulu ofanayo Ayenguye ngaleyonkathi, Unguye namhlanje, noMoya oNgcwele ofanayo. Ngiyazi kuyindida. Ngeke kwachazwa. Amadlingozi, ukudazuluka, ukukhala, nokunyenokunye, kungeke kwachazwa, kodwa kuyindida ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani. NguNkulunkulu ongenakubonwa ehlala enhliziyweni yomuntu, Ezenza abonakale, ngokuqinisekisa iZwi laKhe, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

101 Kwakuyindida, ngenkathi indodana yombazi, egama linguJesu waseNazaretha, ephakamisa amabhesikidi amancane amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu. Uma kungesiyo, ngifuna ukubona umuntu mumbe ekwenza namhlanje. Ngifuna ningichazele ukuthi hlobo luni lwe atom Aludedelayo. Wenzani na? Akusizo izinhlanzi kuphela, kodwa inhlanzi yayikhula, inhlanzi yayiphalwa, inhlanzi yayihlanzwa, inhlanzi yayiphekwa, inhlanzi yayiyinoma yikuphi eyayiyikho, nesinkwa sasitshalwa futhi sikhuliswe; futhi konke okwaso kwakwedlulwa, noNkulunkulu wayiphendula isuka—isuka enhlanzini ephekiwe iya enhlanzini ephekiwe. Wayevele ayikhulise nje bese Eyihlephula, bese Eyikhulisa bese Eyihlephula, bese Eyikhulisa Waze wapha izinkulungwane ezinhlanu. Amen.

102 Ichaza ukuthini leyomidanti yomsebenzi ngokulandelana kwayo: asihlephule, asikhulise; asihlephule, asikhulise; aphe, asikhulise na? Lokho kuchaza ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. UnguNkulunkulu ofanayo owayekhona. Useyiso iSinkwa sokuPhila kunoma yimuphi umuntu olambile nowomile. Ungeke wakuqeda amandla ukulunga kwaKhe.

103 Bathi, "Asinasidingo sezimangaliso, akukho sidingo sendida,"

104 Ulindile. Lolo wuhlelo lwaKhe. Yilokho Ayikho. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ulinde nina ukuba nifinyelele bese nithatha isabelo senu. Niyesaba ukukwenza na? Ningaqoka ukwehlela emfuleni bese nizidobela inhlanzi niyikhiphe, bese nizama ukuyipheka bese niyithosa ohlobweni oluthize lwamafutha engulube noma okuthize, noma ningaqoka ukukuthatha ngendlela uNkulunkulu anakho ngayo na? Finyelelani nje ngokukholwa, bese nithi, "Jesu, onguyena izolo, namuhla, naphakade! Ngiyakubiza, Nkosi, ngikholelwa kuWe. Beka phakathi kwami ukudla, amandla, ukukholwa engikudingayo." Bhekisisa futhi ubone ukuthi kwenzekani. Ngenhliziyo eqotho, Uzokwenelisa konke ukulamba. Uzokwenza.

105 UJesu wayeyi . . . wenza i . . . wayenendida, ngenkathi Epha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngezinhlanzi ezinhlanu,

wa—wase-ke ecosha amaqoma agcwele amabili, noma amaqoma agcwele amaningana, kamuva.

106 Kwakuyindida, ngenkathi uMuntu onezinyawo njengoba nginazo nani ninazo, phezu kwechibikazi njengeChibikazi iMichigan phandle lapha, ngenkathi kwakukhona iziphepho, noqonda mhlawumbe waye . . .

107 Awu, uma wake waba lapho futhi ubona ukuthi lezoziphepho zehla kanjani, zisakwenza namanje, ngapesheya kweGalile lapho, futhi kucishe impela kubukeke njengokukha amanzi phansi ekugcineni kolwandlekazi lome. Uma lokho kwehla kudabula lapho, leyomimoya ngokwesabekayo, futhi kuqale ukushwibeka, noqonda bagxumeka lesosikebhe kwaze kwaphela onke amathemba. Futhi phezu kwalololwandle, lapho babekade begwedla khona, ngokugwedla ngezigwedlo kusukela lapha cishe kwelesine nqo ntambama, ngingathi, kwaze kwaba ngu (owokugcina) mlindo wesine, lapha kwelesithathu noma elesine nqo ekuseni. Kwakukude kangaka kade begwedla benqamula ulwandle! Futhi baMshiya ngakwelinye icala. Amen.

108 Futhi ngomlindo wesine, nangu Eza, ehamba phezu kwamagagasi. Leyo kwakuyindida. Wayengazenza kanjani Yena uqobo abe lula ngokwenele na? Wayenganyathela kanjani phezu kwalawomagagasi, futhi anyathele esuka egagasini elilodwa aye kwelinye na? Lawomagagasi amakhulu eza, Wayevele nje anyukele phezu kwelinye ngqo, futhi ehlele ngqo kwelinye, anyukele ngqo kwelinye, ngaphandle nakwelilodwa ithonsi lamanzi phezu kwaKhe. Uyeza, ehamba phezu kwamanzi! Ngichazele khona, futhi ungeke. Kwakuyini na? Kwakuyindida, ngokoqobo.

109 Kwakuyindida, ngenkathi uPetru, oWayengakaze abone empilweni yaKhe, igama lakhe kwakunguSimoni, wenyukela ebukhoneni bukaJesu Kristu, ngoba umfowabo uAndreya wayemtshele ukuthi WayenguMesiya. Futhi ngenkathi uJesu ebuka leyondoda ebusweni, okokuqala ukuba Aze ambone, wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase," leyo yindida. Uma kungesiyo, ngitshele ukuthi Wakwenza kanjani. Kwakuyindida.

110 Ngani na? Ngoba, UyiZwi. NeBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Lokho kwafakazeka ukuthi WayeyiZwi, amen, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

111 Kwakuyindida, ngenkathi uFiliphu ezungeza igquma futhi wafumana uNatanayeli, wayesebuya naye eBukhoneni bukaJesu, noJesu wamtshela ukuthi wayekuphi ngayizolo. Leyo kwakuyindida, amen, kwakhombisa ukuthi WayeyiZwi. "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Ungazenini, Rabi na?"

112 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Indida. Amen.

113 Kwakuyindida, ngenkathi usomabhizinisi omncane, wasemzini waseJeriko, umgxeki weNkosi uJesu, ekhwela emthombeni, ukuba acashe, ukuba aMbone edlula. Futhi ngenkathi uJesu waseNazaretha engena, ehla ngomgwaqo, wayesema ngqo phansi komuthi lapho ayekhona, wayesephakama lapho wayesembiza ngegama lakhe, "Zakewu, yehla. Ngiya ekhaya kanye nawe siyodla ilantshi." Indida! Wayengakaze ayibone indoda, zonke izinsuku zokuphila kwaKhe. Wayengakaze ambone.

114 Kwakuyindida, ngenkathi mhlawumbe amakhulu amaningana abantu, yebo, mhlawumbe ishumi nanhlanu, abantu abangamakhulu angamashumi amabili bephuma emzini waseJeriko, behlekisa ngaYe, futhi beMhleka, ngenkathi Esuka emzini ngaleyontambama, noma ngalokho kusa, njalo; njengoba Wayephuma emzini, ngenkathi abantu beMjikijela ngemifino evuthwe ngokweqile. Futhi sengiyamuzwa umpristi ethi, "Heyi, bangitshela ukuthi Wavusa abafileyo. Heyi, Wena mprofethi, Wena oZibiza ngomprofethi! Bona, sinawo onke amangcwaba agcwele bona ngapha, ndoda enobulungiswa, ndoda elungileyo, mpristi njengoba ngiinguye; yenyukela lapha, bavuse. AsiKubone uvusa abafileyo." Akalizwanga ngisho izwi abalisho, omunye ememeza into eyodwa nomunye enye.

115 Kodwa emuva le laphaya ngasobondeni, amayadi athi awabe ngamakhulu amabili namashumi amahlanu, isinxibi esidala esihluphekayo sasiqhaqhazela emakhazeni lapho, ngemikhono yaso, sathi, "O Jesu, Wena ndodana kaDavide, ngihawukele," futhi kwaMmisa, emikhondweni yaKhe. Haleluya! Ukubiza okuvela kuJoshuwa, kungekude kakhulu, kungesiwo a—kungesiwo amamayela ayishumi ukusuka lapho Ayemi khona khona lapho, wamisa ilanga, ngoluny'usuku. Kodwa isinxibi esihluphekayo samisa iS-o-n iNdodana kaNkulunkulu, yahlala emikhondweni yaYo ngokukholwa kwaso, uhlobo olufanayo lokukholwa uJoshuwa ayenalo. Amen. Ngoba, sasazi, uma WayeyiNdodana kaDavide, wayenguMesiya obonakalisiweyo, futhi Wayekwazi ukuba aphinde asenze sibone. Indida! O, he! Impela, kwakuyindida. Yebo, mnumzane.

116 UNkulunkulu, kwakuyindida, uNkulunkulu wayengaba kanjani ngumuntu, ukuba afe. UNkulunkulu, ukuPhila, ukuPhila okuPhakade, kungaba nguNkulunkulu (ukuphila kwemvelo) ukuba afe, ukusindisa umuntu, ukumbuyisela emuva ekuPhileni okuPhakade. Leyo kwakuyindida, ukuthi kanjani uNkulunkulu omkhulu owagcwalisa yonke indawo futhi lonke iPhakade angehla futhi abe ngumuntu, ukuze afe ukusindisa uhu-. . .OkwaKhe uQobo okudaliweyo.

Wabakanjani uNkulunkulu ngokukodwa kwaKhe uQobo okudaliweyo, ukusindisa, ngoba Wadala umzimba waKhe uQobo. UJehova uBaba wahlala, ekugcwaleni, kuJesu Kristu iNdodana yaKhe. UJesu wayengumzimba kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayemelwe etabernakele, inyama kaJesu Kristu, nokuthi kanjani ukuthi Lowo owagcwalisa yonke indawo nalolonke iPhakade uba nguMuntu oyedwa. Amen. Niyabona ukuthi ngiqondeni na? Lapho, nokuthi uNkulunkulu wayengakwenza lokho, ukuba afe, futhi, o, leyo kwakuyindida, kuyo uqobo, Wayengazenza kanjani qobo lwaKhe ngaleyondlela ukuze ezwe ubuhlungu bokufa enzele sonke isintu.

117 Kodwa, o, indida enje, ngenkathi uMuntu wayebetheliwe, wabulawa, kwaphushwa umkhonto omkhulu wamaRoma, cishe ayisithupha-noma ama intshi ayisishiyagalombili ububanzi, wadabula enhliziyweni yaKhe, futhi iGazi namanzi kwaphophoza. Futhi baMehlisa esiphambanweni, efile, baMsonga nge—ngendwangu, futhi baMlalisa ethuneni. Wayefe kakhulu kwaze kwathi induna yekhulu yamaRoma yathi Wayefile, wonke umuntu lapho wathi Wayefile, inyanga yathi Wayefile, izinkanyezi zathi Wayefile, ilanga lathi Wayefile, umhlaba waba nokwethuka kokuphelelwa amandla, wathi Wayefile. Futhi ngosuku lwesithathu, wakwazi ukvukela ekuphileni futhi, okungafi, kusuka ekufeni. Lokho yindida. Amen. Wathi, "Nginamandla okudela ukuphila kwaMi; Nginamandla okukuthabatha futhi." Indida yangoqobo kaNkulunkulu, ukuvuka kwaKhe kwakuyiyo.

118 Kwakuyindida, kaNkulunkulu, ngenkathi uJesu ekhethe abadobi, un-. . . esikhundleni sabapristi abaqeqeshiwe, ukuphatha umlayezo waKhe. Kubukeka sengathi, ngenkathi Efika, Uyofika kubaFarisi abakhulu nabaSadusi, futhi athi, "Bazalwane, ningumuntu othe phansi eminyakeni wagcina lelihlelo lihlanzekile. Ngifikela ukuzonithatha manje. Oyihlo bazoziqhenya ngani, uma bengabuka phansi phezu kwezindawo zaseZulwini," noma ngabe babekuphi. Ngiyakungabaza. (UJesu wathi, "Ningababakayihlo, udeveli.") "Ngakho ngakho-ke bukani phansi, nithi, 'Awu, besiyojabula.' Bebeyojabula ukwazi lokhu. Ngifikile manje ukuthatha lapho nonke enikulethe khona."

119 Kwakuyindida, ngenkathi Ebalahla bonke ngecela futhi ebatshela ukuthi babengabakadeveli, futhi wehlela oLwandle lwaseGalile futhi wacosha abadobi ababengazi lutho ababengazi ngisho ukubhala igama labo uqobo, futhi ubanika izihluthulelo eMbusweni waseZulwini, esikhundleni sokunika uKayafase, umpristi omkhulu. Wayengaba kanjani umuntu, enkolweni, evivinyiwe. . . ababecabanga ukuthi yayivivinyiwe, emasikweni abo nezinto, ukugcina izinto zikaNkulunkulu. Futhi lapha Uyafika futhi ukhetha elinye iqembu, ezansi emfuleni ngaleya. Lapho indoda iqeqeshiwe futhi yafundiswa, futhi yadlula emakholiji nezikole nayo yonke enye into, khona-ke Ufika emuva

ngqo ngapha futhi akangakunaka lokho, futhi uthatha umdobi ongazi lutho futhi umnika izihluthulelo eMbusweni. Amen.

120 Okwenza indida kungenkathi umuntu othize ekholwa nguNkulunkulu futhi aMthathe eZwini laKhe. IZwi likaNkulunkulu lakhuluma izwe labakhona. Leyo yinto efanayo ozofanele uyikholwe, kulobubusuku, yiZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe.

121 Buka lowo wesifazane omncane ozihluphekelayo emi lapho emthonjeni. Wathi, "Siyazi uma uMesiya efika, Uyositshela lezizinto." Wayemtshelile ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Siyazi uma uMesiya efika, Uyositshela lezozinto." Bhekisisani.

122 UNkulunkulu ekhuluma nonondindwa. Udumo kuNkulunkulu! UNkulunkulu ekhuluma nesifebe, amen, futhi ecela simsize, "Ngiphuzise." Kucabange. Ukhuluma ngendida!

123 Futhi indida enje ukuthi leyombewu yokuPhila okuPhakade, eyamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, yayingaqoqana entweni enjengaleyo; ngesifiso senyama, ukuthi kanjani lowo ohluphekayo owesifazane omdadlana, mhlawumpe ephendulelwe emgwaqeni, phansi enhliziyweni yakhe wayemiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade.

124 Ngenkathi iWundlu lalibulewe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngokweBhayibheli, amagama ethu afakwa kuleyoNcwadi. UJesu wathi, "Akekho umuntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza." Nje sabalalisa ukuKhanya!

125 Bhekisisa ngenkathi lokho kuKhanya kushaya labobapristi nakho konke ukuhlakanipha kwabo. Kwenzekani na? Bathi, "UnguBelzabule, umbhuli, udeveli."

126 Wathi, "Ningabakayihlo, udeveli." Yilapho okuvela khona.

127 Kodwa ngenkathi lona omncane, owesifazane onesimilo esibi ekhuluma noNkulunkulu, futhi yayingagxiliswa kanjani leyombewu emiselwe ngaphambili ku—kumuntu onyanyeka kanje njengalowo na? Kuyindida. Kodwa bhekisisa ngenkathi ukuKhanya kuyishaya. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi." Manje, umprofethi, yilapho iZwi leNkosi liza khona, kumprofethi, niyabo. Futhi leso kwakuyisono sakhe, futhi Yena umprofethi wayeneZwi. Ngakho wathi, "Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Manje siyazi ukuthi uma uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto."

Wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe."

128 Mfowethu, washiya lelobhakede, futhi wasuka wahamba. Ubufakazi bakhe basindisa umuzi wakubo, iSikari. Manje lokho kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu, ngenkathi uJesu ekwenza lokho. Yebo, mnumzane.

129 Kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu efaka uMoya waKhe kumapentecostal, abadobi abazihluphekelayo futhi abantu abangafundile, esikhundleni sikaKayafase umpristi omkhulu. Futhi, o, Walifaka kanjani iVangeli laKhe! Kwakuyindida, ngenkathi uNkulunkulu ekhethe indlela ebizwa ngokuthi "ukweduka, ukuhlanya," abantu bebhadazela, futhi begxuma futhi beqhubeka, futhi beziphatha sengathi babehlanya. Bababiza ngokuthi "bayahlanya." Kuyindida, ngenkathi uNkulunkulu eyokwedlula amasinagoge amakhulu aphakeme, izinkantolo ezinkulu zeSanhedrin nabapristi abakhulu abayizifundiswa, futhi wacosha isigejane sabangazi lutho, abadobi abangafundile ababengakaze bazi ngaphezu kunokuMkholwa nje nokuthatha iZwi laKhe, futhi babone imiphumela. Futhi kwamthokozisa uNkulunkulu ukwedlula lokho ababekubiza ngento engcwele kakhulu ezweni, ukucosha isigejane se "mfucumfucu ephansi," sasibizwa kanjalo, futhi indlela ababekhonza ngayo, yayibizwa ngokwe "duka," ukwenza indlela yensindiso. Yebo. Manje, lelo yiqiniso, ungeke ukuphike. UPawulu wathi, "Ngendlela ethiwa 'ukweduka,' yileyondlela engimkhonza ngayo uNkulunkulu wami, uNkulunkulu wawobaba bethu; indlela ethiwa ngu 'kweduka.'" Yebo.

130 Kwakuyindida, ngenkathi leyoNsika yoMlilo enkulu eyehla ivela eZulwini, iNgelosi yeNkosi, iNsika yoMlilo yahola abantwana bakwaIsrayeli badabula ehlane. Leyo kwakuyindida, eyakhuluma kuMose phandle lapho esihlahleni esivuthayo. Futhi kwakuyindida. Futhi iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva. . .futhi ngokomBhalo, kuJohane oNgcwele 8:58, uma ufuna ukwazi ukuthi kukuphi. Ufuna ukwazi ukuthi kwaqalaphi, kuqala, kwakunguEksodosi 13:31. Futhi kwakuyindida, ngenkathi, emva kwalo lonke lolohambo naso sonke lesosikhathi, ukuthi lapha uJesu washo, ukuthi, "Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA." UNGIKHONA wayesesihlahleni esivuthayo. UNGIKHONA wayenguYe owakhuluma kuMose.

131 Kwakuyinto exakile, ukuthi emva kokufa kwaKhe, ukummbelwa, nokuvuka. Futhi uSawulu, leloJuda elincane elinekhala eliyihhuku, oxhukulile, futhi onolaka olucasukayo, futhi wabulala ngisho abanye beBandla; endleleni yakhe ehlela eDamaseku, ukuyobopha labobantu. Futhi ezansi lapho babenomprofethi owayegama linguAnaniya, futhi wayesezansi lapho eprofetha kubo, umprofethi weNkosi, ebatshela iZwi leNkosi, ngoba Uza kuye. Futhi ngenkathi uMelusi uAnaniya wayesezansi lapho, eprofetha, uSawulu wehlela ezansi ukumlanda. Futhi phakathi nemini ngqo, leyoNsika yoMlilo efanayo eyehlela phansi futhi yahola uIsrayeli, yashaya uSawulu yamthela phansi. Futhi bonke abantu, bemile ngokuzungeza, babengaYiboni. Kodwa Yayikhanya kakhulu, kuPawulu, yaze

Yakhipha amehlo akhe. Amen. Wayeyimpumputhe. Kwakuyikho ngempela kuye, futhi bonke abanye babo abaYibonanga. Kuyindida. He! O!

132 Ozwa umuntu oyedwa uyomemezela, kuyomemezela komunye. Yingalesosizathu ukuthi abantu bangahlala e—emhlanganweni, futhi babuke umsebenzi weNkosi, futhi basukume futhi baphume, futhi bahlekise ngaWo; futhi omunye uyabambelela kuWo, ngayo yonke inhliziyo yabo. Kuyindida, ukuthi uNkulunkulu angabenza kanjani abantu, benyama efanayo. Kuyindida, ukubona ukuthi uNkulunkulu ukwenza kanjani, ngisho nakulolusuku. Kwakuyindida kuPawulu.

133 Niyazi, uPawulu akazange ambone uJesu ngesimo somzimba. Wadingeka emukele isambulo njengoba nje uPetru akwenza. UPetru akazange amazi uJesu ngesimo somzimba.

Wathi, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

134 "Abanye babo bathi, ngani, Ungu 'Mose,' futhi abanye bathi Ungu 'Eliyase,' no 'Jeremiya.'"

Wathi, "Akusikho lokho eNgikubuzile. *Nina* nithini na?"

UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

135 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJonase. Inyama negazi akukwambulelanga, kepha uBaba waMi oseZulwini ukwembulile. Futhi phezu kwalelidwala, Ngiyakulakha iBandla laMi, futhi amasango eHayidese angeLahlule." Nakho lapho okhona, indida. Ngenkathi Emi lapho, futhi engaMazi enyameni yomuntu; kodwa wayemazi Yena ngemisebenzi yaKhe nesambulo, uMbona egcwalisa khona impela umBhalo oyikho.

136 Yilolohlobo olufanayo lwendida ululetha umuntu ovela kwesithize esidala isivumokholo esiyiso ngegama esibandayo, angene kuNkulunkulu ophilayo. Kuyindida, ukubona umuntu ofanayo efunda iBhayibheli elifanayo, futhi eLiphika, ngenkathi omunye ezoLikholwa futhi emukele ubufakazi obubonakalayo balo. Ya, kuyindida, uma engaLibona lisebenza komunye umfo, impela ufanele azi ukuthi nguNkulunkulu ofanayo. Isivumokholo sakhe siyiphutha, uma siphambene. Uma uNkulunkulu eqinisekisa iZwi laKhe, khona-ke isivumokholo sakho siyiphutha. Amen. Angiqondile ukuba ngol'hlaza kakhulu, kodwa lelo yiQiniso, indida.

137 Ngithe, "Imizuzu engamashumi amathathu," futhi nje kuyilokho impela. Nginamakhasi amanothi cishe ayisithupha lapha namanje. Indida, niyakholelwa kuyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen, ngiyakholelwa kuyo. Futhi ngizoma.

138 Ake nginitshele okuthize. Lalelani. Lapha esikhathini esithize esedlule, ezansi eNingizimu, lapho engivela khona,

ngangino ayisikrimu omncanyana, ngelinye ilanga. Umngani wami omdala ongusokhemisi, ongcwele ngempela omdala ozelwe ngokusha, wayeyindoda ngempela. Ngangingazange ngimbone isikhathi esithize, futhi ngangihamba ngidabula edolobheni, futhi ngama ukuba ngimbone. Futhi ngabona igama lakhe phezulu lapho, futhi ngacabanga, "Awu, lapho, unalelibhizinisi lapha, futhi kade elapho iminyaka."

139 Ngenyuka, ngangena, futhi wayelapho, ehlezi lapho, ebuka phansi ngaphezu kwezibuko zakhe ezincane, niyazi, futhi ebuka ngaphezu kwezibuko zakhe ezincane ezazilengela phansi esihlathini sakhe. Futhi wathi, "Awu, uma kungesuye uMfowethu Branham!" Futhi wasukuma, futhi uyeza wangigaxa, futhi eza engimbambatha. Watshela indodana yakhe, wathi, "Hamba usilandele omunye, omunye u ayisikrimu." Sasimi lapho. "Ungayiphuza inkomishi yekhofi na?"

140 Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngingakhuluma ngawe ngize ngife, uma benginika inkomishi yekhofi." Ngathi, "Lingenza ngibe nokwethuka." Ngathi, "Ngizothatha nje u ayisikrimu."

141 Ngakho, sakhipha u ayisikrimu. Futhi—futhi amantombazane yayisemuva lapho, nokunyenokunye, esitolo, futhi sahlala futhi saba nenhlanganyelo encane ngaku ayisikrimu.

142 Wathi, "Mfowethu Branham, ngi—ngifuna ukukutshela okuthize." Wathi, "Bengi—ngithi ukuba manqikanqika ukutshela abanye abantu." Saba nokukhuluma ngeNkosi nobubele baYo. Futhi umfo omdala ekhala, futhi izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, futhi wathi, "Ngi—ngifuna ukukutshela okuthize." Wathi, "Ku—kungabonakala kuxakile ku—kuwe," wathi, "kodwa ngikholwa ukuthi umuntu onjengawe uzokuqonda."

Ngathi, "Awu, qhubeka, mfowethu. Kuyini na?"

143 Wathi, "Emuva ngesikhathi sokuntuleka kwezinto zonke," wathi, "indodana yami enekhanda elimpunga lapho yayiseyinsizwa nje." Futhi wathi, "Sasilapha e—lelibhizinisi ngaleyonkathi," futhi wathi, "kodwa abantu babehlupheka futhi bengenalutho ukuba badle. Futhi ukuthola ioda, ukuthola umuthi noma into ethize, babefanele bahambe futhi bame umugqa."

144 Futhi iningi lenu niyakukhumbula lokho. Impela, niyakhumbula. Ume umugqa, ukuvunyelwa okuncane okuvela ezweni, ukuthi wawungathola lemithi yokugula, noma uthole into ethize ukuze udle.

145 Futhi wathi, "Ngangihlezi lapha, ngeliny'ilanga, ngifunda iBhayibheli lami, futhi, futhi," wathi, "umuntu mumbe ungena emnyango. Futhi indodana yami yasukuma, encane, yenyukela

ngaphambili." Futhi wathi, "Ngayizwa ithi, 'Qhabo, ngeke sakwenza.'"

146 Futhi wathi, "Ngalalelisisa. Ngabeka iZwi lami phansi futhi ngalalelisisa. Futhi indoda yathi, 'Mnumzane,' yathi, 'unkosikazi wami usethi akaquleke.'" Futhi ngenkathi ebuka, wathi ubone owesifazane eselungele ukubeletha ingane; izithandani ezisencane. Futhi insizwa yathi kuye, "Yathi, 'Ngi—ngi—ngime kulowomugqa lapho,' yathi, 'o, ibanga elingangendlu yasedolobheni.' Futhi yathi, 'Unkosikazi wami ngeke nje esama lapho nhlobo.' Yathi, 'Angazi . . . Nginesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esivela kudokotela, ufanele abe nomuthi, khona manje.' Yathi, 'Ungasigcwalisa yini, futhi khona-ke ngizomyisa ekhaya, bese-ke ngizohamba ngiyoma emgqeni na? Ngizo—ngizothola i—ioda lawo. Uma uzo . . . '

147 "Futhi indodana, umfana wathi, 'Mnumzane, lokho kuphambene nemigomo lapha. Thina, ngeke sakwenza.'"

148 "Yathi, 'Awu, bengingazi.' Yathi, 'Ngiyabonga, kakhulu, ndodana,' yaphenduka ukuba isuke ihambe."

149 Futhi wathi, lapho nje iqala ukuhamba, umuntu mumbe wathi kuye, phansi—phansi enhliziyweni yakhe, wathi, "UJosefa noMariya baxoshwa, ngesiny'isikhathi, futhi."

150 Futhi wathi, "Ngasukuma futhi ngathi, 'Awulinde, ndodana! Umzuzu nje!'" Futhi wathi, "Umfo wama. Futhi ngahamba futhi ngathatha isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi ngabuyela emuva ngemuva lapho futhi ngasigcwalisa; ngesikhathi esalindile, ebambe umkakhe ngesandla. Futhi wayenesinxe kakhulu, wayencike nje phezu kwehlombe lakhe."

151 Futhi wathi, "Ngaphuma lapho, futhi mina . . ." Wathi, "Ngiyaxolisa ngifanele ngenze lokhu, mnumzane."

Wathi, "Kulungile."

152 "Yayikhothamise ikhanda layo, futhi nje yasikhipha." Futhi ngenkathi esibeka esandleni sayo, yathi, "Mfowethu Branham, ngabona uJesu." Wathi, "Ngasibeka ngqo esandleni saKhe." Wathi, "Mfowethu Branham, Wayelapho, ngayo impela nje indlela isithombe esikukhombisa ngayo." Futhi yathi, "A—angikwazanga ukukhuluma. Futhi indoda yaphenduka futhi yaphuma endlini."

Wathi, "Uyakukholwa lokho, Mfowethu Branham na?"

153 Ngathi, "Ngiyakukholwa ngakho konke okungaphakathi kimi. Impela."

154 UMartin oNgcwele waseTours, uma senake nafunda ngoMartin oNgcwele, wayeyisosha. Futhi waye—wayengeyakhe . . . walandela ezinyathelweni zikayise. Wayehlala njalo ezwa ubizo lukaNkulunkulu. Kuphela, ngiyacabanga, abantu bakubo babengakholwa kahle. Futhi ngelinye ilanga wayeza . . .

155 Kwakungubusika obubi, umlando uyasho. Futhi waye... Kwakukho isinxibi esidala sasilele phandle esangweni, futhi sasibulawa amakhaza; futhi abantu abaningi, ababengabe bayondla leyondoda endala, noma bayinike izingubo ezithize. Yayikhala, iphakamise izandla zayo. Nje endala enobuhwanqa, indoda engcolile ilele esangweni ledolobha. Futhi ithi, "Ngisizeni, bakithi. Ngi—ngiyafa amakhaza. Kulobubusuku ngizofa. Bakithi ngipheni ingubo."

156 UMartin oNgcwele wayesevele, enikele ngakho konke ayenakho. Yena nje, njengesosha, wayegqoke ibhantshi lakhe. Wama ngakolunye uhlangothi, futhi wabhekisisa futhi abone ukuthi akekho yini umuntu mumbe owayengakwenza. Abantu bayafika futhi bahamba, futhi akukho-muntu owayengayisiza.

157 Wase-ke efinyelela phezulu lapho, wayesebuka indoda endala. Wayenozwelo kuyo. Wahosha ibhantshi lakhe uqobo, wayesethatha inkemba yakhe wayeselinquma liba nguhhafu. Wasonga ingxenye yalo emahlombe akhe, wathatha omunye uhhafu wayesesonga isinxibi esidala kuwo, ukuze siphile ubusuku bonke, wahamba eqhubeka.

158 Abantu bamhleka, bathi, "Isosha elibukeka lihlekisa kanje, lembethe uhhafu owodwa kuphela webhantshi."

159 Ngalobobusuku, esalele embhedeni, wavuka. Umuntu othize wayengene ekamelweni. Wabuka, kumi ngapho kwekamelo, futhi nakho kumi uJesu enaleso siqephu esidala sengubo eyayikade imsongile. Wazi ngalokho.

160 Wayengumuntu, uMartin oNgcwele, wayengomunye wabantu abalwa emuva lapho, ngeNkolo eyanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Wayekholelwa ezimangalisweni zikaNkulunkulu. Wayekholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Wayekholelwa kulolonke iTestamente elalotshwa ngabaphostoli. Wayekholelwa kulo futhi waLilwela, inqobo nje uma wayesaphila, noNkulunkulu wenza izimangaliso. Wayazi, ngenkathi ebone lesosinxibi esidala sizisonge ngesiqephu sengubo yebhantshi lakhe uqobo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu lagcwaliseka, "Njengalokhu nenzile kwabancinyane balaba, abancinyane baMi, nikwenzile kiMi."

Wena uthi, "Indoda ayikubonanga."

161 Ngikholwa ukuthi ikubonile. Ngikholwa ukuthi yakuthola. Ngikholwa ukuthi kulapho. Ngikholwa ukuthi lowo kwakunguJesu ayembuka. Kwakuyisambulo sikaNkulunkulu sibonakaliswa, ngoba wakwenza.

162 Sikhuluma ngendida, iyeza eyodwa. "Lapho abafile kuKristu beyakuvuka, futhi thina esisaphila siyakuguqulwa, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, ukuba sihlwithwe kanye nabo ukuMhlangabeza emoyeni." Yebo.

163 O, ukuthi uNkulunkulu uligcina kanjani iZwi laKhe kulonyaka wezihlakaniphi! Ukuthi Unguyena kanjani izolo, namuhla, naphakade! Ukuthi Usangayehlulela kanjani imicabango yenhliziyo yomuntu! Ukuthi Usangamguqula kanjani umuntu! Nokuthi Usangaligcina kanjani lonke izwi Alethembisa ngalolusuku! Nguyena izolo, namuhla, naphakade! Ukuthi Usangabonakalisa kanjani futhi abenze bathathe isithombe saleyoNsika yoMlilo efanayo eyalandela uIsrayeli, Efanayo eyayineNkosi uJesu, Efanayo eyayisezansi lapho noSawulu endleleni, Efanayo engenayo futhi yakhulula uPetru etilongweni! LeyoNgelosi kaNkulunkulu efanayo ilapha kulobubusuku, futhi yenza yona into efanayo Eyayenza ngenkathi Ilapha emhlabeni ibonakaliswa enyameni yomuntu. Ngani na? Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

164 Niyakholelwa endideni na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna abantu bakholelwe endideni. Sengihambe ngasedlula kude le isikhathi sami. Ngikholwa ukuthi bekungaba yindida khona lapha. Amen. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyathanda futhi uyafuna ukuthatha abantu baKhe futhi azikhombise Yena uqobo. Uma kuphela Engathola owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ukuba babeke phansi imicabango yabo uqobo, futhi babe yisiboshwa kuYe futhi baMkholwe.

165 UyiZwi laKhe. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

166 Futhi manje Ukini, ithemba leNkazimulo, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye Uyakuyenza."

167 Wethembisa, kuLuka oNgcwele, ukuthi, "njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," ngenkathi iBandla elikhethiwe, iqembu lika Abrahama, liyokwemukela isibonakaliso njengoba uAbrahama asemukela, neqembu likaLoti liyokwemukela isibonakaliso njengoba kwenza uLoti.

168 Kuyinto exake kakhulu ukuthi sibe nabo bonke laba abaguquli abakhulu, bakaLuther noWesley, kodwa asikaze sike sibe nendoda phandle lapho enegama layo ligcina ngo h-a-m, isithunywa ezweni. UG-r-a-h-a-m, lelo yizinhlamvu eziyisithupha. UA-b-r-a-h-a-ma nguAbrahama. Sibe noMoody, oSankey, uFinney, noKnox, uCalvin, kodwa neze u*ham* u "yise ezizweni." Sesinaye oyedwa manje. Leyo yindida. Benikwazi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi bukani, wenza khona impela nje, ebiza abantu eSodoma.

169 Kodwa, khumbulani, uAbrahama wayenesithunywa enhla lapho eqenjini lakhe, naye. Amen. Futhi hlobo luni lwesibonakaliso Alwenzayo, Efulathele ithende na? Wathi,

"Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sesithembiso saMi, ngokwesikhathi sokuphila." Futhi Wathi, "Uphi umkakho, uSara na?"

170 Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho." Futhi ngenkathi esho lokho, USara wahlekela kuye uqobo.

171 Wathi, "Uhlekeleni uSara, ethi, 'Lezizinto zingenzeke'?" Niyabo?

172 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, imisebenzi eNgiyenzayo!" IZwi likaNkulunkulu liba njalo. "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ehlala kini, celani noma yini yakho, futhi kuyobonakaliswa kini." Indida, ukubona isithembiso uNkulunkulu . . . isithembiso sikaNkulunkulu, esenziwe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nesayense yebandla ephathelene nenkambo elungileyo idonse abantu baqhela kakhulu kude le. Kodwa phakathi kwakho konke okwakho, uNkulunkulu uza wehla ngqo futhi uqhumisa leloZwi libuyele ngqo ebandleni laKhe futhi, khona impela. Kuyindida. NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asikhuleke.

173 Uma kunabantu phakathi lapha, kulobubusuku, abangafuna ukubona indida yenziwa kuwe, nokuguqula inhliziyo yakho ekungakholweni, iye ekukholweni kuNkulunkulu, ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi, "Nkosi, ngikhumbule, ngikhumbule." UNkulunkulu anibusise. O, bukani izandla nje!

174 Baba waseZulwini, kunezandla eziningi kakhulu, ngingekwazi ukuba ngithi "UNkulunkulu akubusise," ngamunye, kodwa Wena ubazi bonke. Guqula ukucabanga kwabo, Nkosi. O, makwenzeke, indida. Bebehlala njalo bethi ukuhamba beqhotha. Bakholwe uhhafu, mhlawumbe. Mhlawumbe abanye babo bangabesonto ngisho, kodwa nokho abakaze bahlangane nalesosikhathi ukuthi ngenkathi bezwa leyonkululeko ephakeme, bakholwa, futhi bazi ukuthi okwethenjiswa nguNkulunkulu, uNkulunkulu wayenamandla okukwenza. Nokho, sizisho ukuthi siyinzalo ka Abrahama, ongangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo. Manje, Baba Nkulunkulu, ngiyaKuncenga, eGameni likaJesu, ukuba ubahawukele.

175 O Nkulunkulu, yehlela phakathi kwethu, kulobubusuku, hamba phezu kwethu futhi usikhombise ukuthi Usenguye uNkulunkulu wezimangaliso. Yenza indida, Nkosi, futhi ukhombise ukuthi iZwi laKho lisengayehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Usenguye Lowo owabonakaliswa phandle lapho, uAbrahama ambiza ngoElohim, iNkosi uNkulunkulu, uMdali, Owenele konke, Oziphilela yena. O Nkulunkulu,

UsenguNkulunkulu oPhakade, onguyena izolo, namuhla, naphakade, neGazi leNdodana yaKho lingcwelise iBandla futhi laLihlanza. Lelo, iZwi, o, ukuba kuphela bebeLithathile ngaphandle kokwenezela isivumokholo, Nkosi!

176 Kodwa, manje, Wathi, "NginguMvini, nina ningamagatsha. Igatsha lithela isithelo somvini; senzele ukuphila komvini, kwegatsha, livela emvinini." SiKubonga kakhulu ngalokhu, Nkosi! Kuphelele kakhulu!

177 Nakulolusuku lokungakholwa nezinkoloze, na—nazo zonke izinhlobo zezivumokholo, nokho Wena unguNkulunkulu ofanayo owamisa ilanga wenzela uJoshuwa. UNgofanayo owayesendukwini uMose ayelula phezu kolwandle. UNgofanayo owawukwazi ukubiza izintwala, amazeze, amasele, noma ngabe kwakuyini, ngomlomo kaMose. UnguNkulunkulu ofanayo owayekwazi ukubeka imvula ezibhakabhakeni. UNgofanayo ozonisa umlilo uvela ezibhakabhakeni. Unguwena izolo, namuhla, naphakade.

178 O Nkosi Nkulunkulu, sikhombise inkazimulo yaKho, kulobubusuku, ngokusindisa nokugcwalisa wonke umuntu abaphakamise isandla sabo. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi nje kungebe ngomunye umkhuleko ozenzele isitashi. Kwangathi kungebe ngenye indlela ezenzele isitashi yokuphakamisa isandla sethu, phansi kokuthonya okuncane kwe—kwento ethize. Kodwa kwangathi kungavela ezinjulweni zenhliziyo yabo, ukuthi abantu amemeze, 'O Nkosi Nkulunkulu, dala kimi ukukholwa okungaKukholwa futhi kwemukele lonke iZwi, futhi kugcizelele sonke isithembiso, ngo amen." Siphe khona, Baba. Ngikunikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

179 Kulungile, sekungeleshumi nqo. Asizukudinga ukuba sibe nomugqa womkhuleko phezulu lapha. Singaba nawo khona lapho. Niyawukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

180 Bangaki phakathi lapha okholwayo ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade, okholwayo ukuthi lowo wesifazane omncane owathinta ingubo yaKhe ngomunwe wakhe ngaleyonkathi, Waye—Wayengokomzimba, wathinta ingubo yaKhe. Nanso indida. Wayengenakukuzwa, futhi Waphenduka wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi wayengenakuzifihla. Futhi Wamtshela ngezinkathazo zakhe, nokukholwa kwakhe kwamphilisa.

181 NeBhayibheli liyasho, namuhla, kumaHeberu, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Bangaki abantu abagulayo abakukholwayo lokho na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, niyakukholwa, futhi asibone manje uma lokho kuqinisile.

182 Wena uthi, "Mfowethu Branham, kufika kanjani lokho na?" Ngokukholwa iZwi nje ngendlela eLilotshwe ngayo nje. Ungathathi noma yiyiphi inzwabethi, ukuthi *lo*mfo uthi

Linga*le*ndlela, na*lo*mfo uthi Linga*leyo*ndlela. Likholwe nje ngendlela eLilotshwe ngayo.

183 Uma Ezokwehlulela ngendlela eLilotshwe ngayo, pho ukuthathelani ukuhumusha komuny'umuntu kwaLo, ngoba yileyondlela okuzokwehlulelwa ngayo. Lelo nje, Lelo ngumgomo waKhe. Uliqaphele iZwi laKhe. Akukho lutho olungalungile ngalo. Lelo yiZwi impela nje. Yilelo esiyokwehlulelwa ngalo, yiLeli, iZwi likaNkulunkulu.

184 "Futhi uma nihlala kiMi," lokho ngukukholwa, "IZwi laMi lihlala kini," ngoba UyiZwi, "khona-ke celani enikuthandayo."

185 Manje thinta ingubo yaKhe, uthi, "Nkosi Jesu, ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Ngikholwa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owenza zonke lezizimangaliso umelusi wethu asikhombise zona, kulobubusuku, eZwini. Ngikholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu. Nkosi, mangithinte ingubo yaKho. Manje-ke Wena khuluma ngalomfowethu, futhi—futhi osho ukuthi Ukhuluma ngaye. Futhi, manje-ke, akangazi, kodwa Wena uyangazi." Futhi manje-ke ngibone uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo wezimangaliso, futhi kubekhona indida futhi, into engaphenyekiyo umuntu angeyibone ngokufihlakele futhi ayisho.

186 Nizokukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma Ezokwenza, khona-ke siyazi ukuthi kuzoba yindida. Kunjalo na? ["Amen."] Bengizoba nomugqa womkhuleko; ngibambeke kakhulu kulokho ngaze nga—nga—ngasuka nje kukho, nesikhathi sesithi nje asiphele. Kholwani. Asiqale ngale . . . ngeke nga . . .

187 Ngizofanele nginehlukanise. Asiqale ngaku*leli*cala lapha. Omunye umuntu *ngapha*. Bangaki *ngapha* owaziyo ukuthi anginazi noma angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu; futhi niyagula, niyazi ukuthi nifuna ukucela uNkulunkulu na? Kulungile.

188 Abanye benu bayakholwa, nje—nje thathani lokhu ngayo yonke inhliziyo yenu. "Nkosi Jesu, onguyena izolo, namuhla, naphakade! MangiKuthinte, Nkosi. Ukukholwa kwami kuza kuWe ngaleya ngakwesokudla sikaNkulunkulu, ehlezi ebuKhosini. NoMoya waKho oNgcwele, owawukuWe, ulapha kulobubusuku. Mangithinte nje, ngokukholwa, Nkosi." Besekе ngibona uma Esenguye umqalisi wendida, ukufezekisa izinto engaziwa uqobo. Hloniphani ngokuzithoba nje.

189 Lapha, niyakubona lokhu khona lapha na? Yinenekazi eliyikhaladi lihlezi ngemuva ngapha ngqo. Lihlushwa yisimo sezinso. Belisanda kuba nokuhlinzwa nje. Angilazi inenekazi.

190 Ngiyisihambi kuwe. Kunjalo, nenekazi na? Kodwa lokho kuqinisile, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ofanayo owakwazi ukutshela lowo wesifazane omncane

owathinta ingubo yaKhe laphaya, na—nangakwelinye icala lechibikazi, uyakholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu ofanayo na? Ubungeke wathinta mina, ngokomzimba, uyazi. Ngakho ngizovele nje . . . Futhi angikwazi. Ngakho kunomPristi oMkhulu, ngoba Wathi WayengumPristi oMkhulu. Kunjalo na? Futhi uyakukholwa. Ngenkathi ulapho ukukhulekela ukuba kube nguwe, into ethize ikushayile, futhi masinyane ngabiza ngakho. Kunjalo na? Kulungile.

191 Lokhu ukuhlinzwa obenakho akubonakalanga kuphumelela kakhulu. Awusindi, futhi, futhi ushaqekile ngakho. Futhi uza lapha kulobubusuku ngaleyonhloso efanayo. Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi ungubani, njengoba Yenza kuSimoni owenyukayo, ubungangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho na? Nkk. Pigrum. Kunjalo. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, hamba uye ekhaya futhi usinde. Uzosinda ngoba ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

192 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kanjani ku*lesi*sigaba esiphakathi lapha, ndawondawo, ukhona okholwayo na?

193 Indoda ehlezi ngaphandle lapha ekugcineni, iphethwe yinkathazo ngamehlo ayo. Angazi noma ngabe iyazi . . . Yebo, isingibambile manje. Iyawuzwa uMoya. Yebo, ningakubona lokho kuKhanya phezu kwendoda na? Mnu. Otis, lelo yigama lakho. Ngiyisihambi uqobo kuwe, kodwa ukhathazeke ngamehlo akho. UKristu uyakusindisa, ukukholwa kwakho.

194 Manje ibuzeni indoda uma ngake ngayibona, ngazi noma yini ngayo, noma lona wesifazane, kumbe noma ngabe kukuphi. Nanso indida. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Unguyena izolo, namuhla. Wethembisa, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza." Wazikhomba kanjalo-ke Yena uqobo ngokuba nguMesiya. Kunjalo na? ["Amen."] Awu, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi niyazi ukuthi kungebe yimi. Angisuye uMesiya. Ngingumuntu nje, umfowenu. Kodwa nguMoya oNgcwele lapha, lowo nguMesiya. Lowo nguMholi. NguYe owaziyo. Angibazi labobantu; bayakwazi.

195 Lapha, ngifuna ukunikhombisa. Nango owesifazane oyikhaladi ehlezi ngqo phezulu lapho eceleni, phezulu lapho, uphethwe yinkathazo yendlala yegilo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Nkk. Kelly. [Udade uyakhala, "Yimi lowo!"—Umhl.] Kunjalo. Kulungile.

196 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

197 Mnu. Swanson emuva lapho, nenkathazo yokugula kwemizwa, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa

na? Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Kulungile, ungaba nakho. UNkulunkulu uyakusindisa.

198 Uyakukholwa na? Angibazi labobantu. Babuzeni uma ngibazi. Kuyindida.

199 Umzuzu nje. Nakhu lokhu ukuKhanya, Kumi phezu kowesifazane. Ngiyamazi ukuthi ungubani. Uhlezi khona lapha. Ungakhathazeki, Nkk. Collins, yeka ukukhathazeka ngalokho, uzenza ugule. Konke kuzophumelela konke kahle. UNkulunkulu uyahola. Manje, ngiyamazi lowo wesifazane. Ngiyamazi ukuthi ungubani. Ungowasezansi eIndiana, noma eKentucky. Ngiyamazi. Umyeni wakhe lapho, uyilunga lebandla lami, ungu—ungumdikoni ezansi lapho, indoda ekahle. Kodwa nakho lokho kuKhanya. AniKuboni phezu kwakhe ngqo na? Kade ekhathazeka, uyagula, futhi uphatheke kabi ngento ethize engazi ukuthi ngabe ufanele ayenze noma qha. Khumbula nje, yeka ukutetema, dade, kuzolunga. Wazi konke ngakho. Uzokuhola uma uzovele uMdedele ahambe nje.

200 Amen! Onguyena izolo, namuhla, naphakade, Uyindida! Siyabonga ngayo. Niyayikholwa na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

201 Yimani ngezinyawo zenu-ke futhi niyemukele, futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiza kuWe ngeGama likaJesu Kristu, yenza kimi, futhi ulethe inkazimulo nezibusiso zaKho namandla phezu kwami. Makufike indida enhliziyweni yami khona manje. Ngiyakholwa. Ngiyakholwa." Ngayoyonke inhliziyo yenu, ikholweni.

202 Phakamisani izandla zenu nisaculo lelihubo elidala, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Valani amehlo enu. Valani yonke imicabango yenu uqobo, futhi nje nivumele uJesu Kristu angene kini, futhi ngamunye wenu uzophiliswa futhi agcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

203 Indida eyodwa, kulobubusuku, izobeka lokhu, ifanele ukokhela lendawo. UJesu Kristu ulapha. Ubani ongachaza lokho na? Buzani lababantu, yanini kubo. Ninawo amagama abo nezinto, kuleteyipu. Hambani, nibabuze. Niyabo, angazi lutho ngabo. Kwenzani na? UNkulunkulu, kulonyaka wezihlakaniphi . . .

204 "Iphi imvula esibhakabhakeni," kwasho isayense yosuku lukaNowa, "iphi phezulu lapho na?" UNkulunkulu wayethembisa! Iyafika.

205 Zingenzeka kanjani lezizinto na? Angazi. UNkulunkulu wakwethembisa! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Haleluya! Indida! Ng'iyaMthanda. Ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala, futhi uvule amehlo ami aphuphuthekile, ukuze ngingene futhi ngibone uBukhona baKhe futhi ngazi ukuthi Ulapha. Amen futhi amen!

206 Asiphakamise izandla zethu nje futhi siMkhonze manje njengoba silicula. Udumo kuNkulunkulu! Mayibongwe iNkosi uJesu Kristu, ngobubele baKhe nesihawu! UNkulunkulu anibusise.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org